

# *ISIBONAKALISO ESIKHULU*



Asikhuleke.

Baba waseZulwini, siyaKubonga, kulobubusuku, ukuthi Wena usenguye u NGINGUYE omkhulu, hhayi “Ngangi” noma “ngizoba.” Wena uyinkathi yamanje, uNkulunkulu wethu. Futhi Unguye izolo, namuhla, naphakade, uNkulunkulu ongaguquki. SiyaKubonga ngenxa yokuthi sinalenhlanhla yokwazi lokhu, okwembulelwe thina ngoMoya oNgcwele. Futhi Usibeke uphawu eMbusweni kaNkulunkulu, kanye naYe, ngoPhawu Asishiyela lona. Sibonga kakhulu ngaKho. Sibusise, kulobubusuku, njengoba silindele Wena. EGameni likaJesu siyakhuleka. Amen.

Ningahlala phansi.

<sup>2</sup> Ngine, ukubeka nje ambalwa alamaduku ngale eceleni lapha, nje... Sizokhulekela abagulayo, ubusuku bonke, iNkosi ithanda. Sizokwenza. Nokho, ngitshele uBilly ukuthi ube leyithi kancane, kulobubusuku, futhi akakwazanga ukunikezela ngamakhadi omkhuleko, kodwa nokho besicabanga ukuthi singakwenza ngenkathi mhlawumbe ngenza ukubizela e-altare, noma okuthize, besingakwenza.

<sup>3</sup> Manje wonke umuntu uzizwa ekahle na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Lokho kuhle. Ngi—ngiyajabula ngempela ukuzwa lokho.

<sup>4</sup> Manje, ngikholwa ukuthi kumenyezelwe ukuthi ukudla kwasekuseni kweBusiness Men kusekuseni. Ngikholwa ukuthi bona, kungukuthi, basimemezele isikhathi, futhi kanjalonjalo. Manje ake silungiselele noma yini iNkosi engafuna siyenze. Siyaqonda ukuthi lobu ubusuku ukuthi noma yini ingenzeka, ngakho-ke sifuna ukukulungela, futhi masinyane singene eMlayezweni. Ngakho-ke, kusasa sinosuku olumatasa ngempela.

<sup>5</sup> Futhi ngeSonto, njengeSonto ekuseni, ngicabanga ukuthi ngizokhuluma lapha emva kukaSonto sikole, ngeSonto ekuseni; nangeSonto ebusuku. Ngakho-ke, umenywa kuyo yonke le mihlangano. Uma, ngokusobala, uma unesikhundla somebenzi endaweni ethile, ukuthi ufanele ube lapho, awu, besingefune ukuthi uphuthelwe yilokho.

<sup>6</sup> Nginomshado, ngesinye isikhathi, kusasa noma usuku olulandelayo. NgeSonto ekuseni, yebo, ngifanele ngishadise izithandani ezivela etabernakele lami. Futhi ngakho-ke silindele ukukubona lokhu futhi.

<sup>7</sup> Futhi manje sikhulekeleni njengoba sizama ukufunda elinye iZwi likaNkulunkulu khona manje, futhi singene ngqo

eMlayezweni, masinya. Bebefuna ngifike kuse eli ngenxa yesixuku esimile. Futhi ngakho-ke sizofunda ku-Isaya, isahluko se 7. Ngifuna ukufunda, ngiqale evesini le 10.

*Futhi iNkosi yakhuluma . . . ku-Ahazi ithi,*

*Zicelele isibonakaliso seNkosi uNkulunkulu wakho; cela ezinjulweni, noma ezindaweni eziphakemeyo.*

*U-Ahazi wathi, Angiyikucela, futhi angiyikuyilinga iNkosi.*

*Wathi, Zwanini . . . O ndlu kaDavide; Kuyinto encane kini ukukhathaza abantu, kodwa nizomkhathaza noNkulunkulu wami na?*

*Ngakho-ke iNkosi ngokwayo izakunika isibonakaliso; Bheka, intombi iyakukhulelwa, izale indodana, bayiqambe ngokuthi u-Imanuveli.*

<sup>8</sup> Uma ngingabiza lokhu kube yindaba, kulobubusuku, ukukhuluma ngakho imizuzwana embalwa, kwamanye amanothi engiwabhale phansi kulentambama lapha, ngithanda ukukhuluma nge . . . thathe indaba ethi, *ISibonakaliso Esikhulu*.

<sup>9</sup> Niyazi, lolu usuku olukhulu, konke kukhulu. Futhi siyabona ukuthi u—umbani osamfologo esibhakabhakeni ebusuku obuguqubele, uyasitshela ngempela ukuthi kungaba khona ukukhanya ebumnyameni. Siyazi ngalokho.

<sup>10</sup> UNkulunkulu wayesazi isiphetho kusukela ekuqaleni, ngakho-ke Wayekwazi ukuhlela yonke into, ukuthi kuzosebenza kube yinkazimulo yaKhe nje. Futhi lokho kusinika isibindi, ukwazi ukuthi kungakhathaleki ukuthi yini ezayo noma ehambayo, uNkulunkulu wenza konke, iwashi lasodongeni lihamba ngesikhathi nje ncamashi.

<sup>11</sup> Kwesinye isikhathi siyakhandleka, siphatheke kabi. Siyashesha. Siyacabanga, “O, sifanele senze *lokhu*, noma senze *lokho*.”

<sup>12</sup> Kodwa, khumbulani, iwashi lasodongeni likaNkulunkulu liyofika ncamashi ngesikhathi. Zonke lezi zinto kufanele zibe ngalendlela. Kufanele konke kwenziwe ngokolwazi lwaKhe olukhulu, ukwazi kwaKhe ngaphambili, ngokuba ngokwazi ngaphambili Wayengamisela ngaphambili; hhayi ngesifiso saKhe, kodwa ngolwazi lwaKhe. UNkulunkulu akamiseli kusenaphambili ngesifiso saKhe. Akafisi ukuthi kubhubhe namunye, kodwa ngokwazi kwaKhe ngaphambili Wayazi ukuthi ubani owayeyokwemukela nokuthi ubani owayengayikwemukela. Ngakho-ke Angenza yonke into isebenze ngokwewashi lasodongeni laKhe elikhulu lesikhathi elihambayo, ngokuba Wayengasho ngaphambili ukuphela kusukela ekuqaleni. Futhi, ngakho-ke, Wayazi ukuthi siyophila kulolusuku. Wayazi ukuthi lolu kwakuyoba usuku lwethu. Wayenezinhlelo zalolu suku. Ube nezinhlelo zansuku zonke.

Futhi alukaze nelilodwa lezinhlelo zaKhe lehluleke. Uhlale esigcina isikhathi.

<sup>13</sup> Futhi yilokhu esikubiza ngokuthi unyaka omkhulu. Konke okubonayo namuhla kufanele kube o “kukhulu,” noma angeke kuwele, uma ungenayo into enkulu, ngoba unyaka omkhulu. Baba nonyaka wabo, futhi baba nayo, manje sebenonyaka omkhulu, yonke into esiyibonayo.

<sup>14</sup> Ngeke usakwazi ukwehlela esitolo esisekhoneni, futhi uthole ibhulokhi kashizi enkulu ibekwe phezulu njengoba wawujwayele ukwenza. Futhi—futhi ngendlela okwakuvame ukuba yiyo, izitolo zasemakhoneni amadala, uma wawunakho ngisho nokudla okwakulokho kumnandi kakhulu, wonke umuntu ufuna ukuya emakethe yakudala, enesibandisa ndlini, ebizwa ngokuthi imakethe enkulu. Bafanele baye lapho ngisho noma bekhokha kakhulu ngokudla kwabo. Bafanele baye emakethe enkulu. Kunjalo. Ngoba ingenkulu. Niyabo? Wonke umuntu ufuna into enkulu.

<sup>15</sup> Futhi, namuhla, awukwazi ukuthatha imoto evamile. I-T-model endala yayizogayiswa, phandle emgwaqeni manje. Banemoto enkulu. UFord ufanele azenze zibe nkulu. IChevy ifanele izenze zibe nkulu. Bonke abanye, balindele ukuhlala emjahweni, bafanele bazenze zibe nkulu. Konke kukhulu, kukhulu, kukhulu.

<sup>16</sup> Ngemva kwesikhashana, sifika onyakeni womoya. Manje babenendiza enophephela. Bese-ke, into yokuqala oyaziyo, beza nejethi. Futhi manje sebene nejethi enkulu. Niyabo, kufanele kube okukhulu. Uma kungenjalo, aku—akukho ngesikhathi. Konke kule nkathi kumele kube kukhulu.

<sup>17</sup> Sasivame ukuba nothelawayeka abadala esasivame ukuhamba ngabo, manje usunothelawayeka abakhulu. Kufanele kube imizila emine noma emihlanu eya ngasendleleni eyodwa, nemizila emine noma emihlanu eza ngenye indlela, kungenjalo uyagayiswa. Niyabo? Ufanele ube nayo, ngoba lona ngunyaka omkhulu, isikhathi esikhulu. Konke kukokukhulu.

<sup>18</sup> Size sicabange ukuthi sinabantu abakhulu, noma abanye abantu bacabanga ukuthi bakhulu, futhi bazama ukwenza kanjalo, empeleni. Uhlanga olukhulu, uhlanga olulodwa lufuna ukubusa phezu kolunye.

<sup>19</sup> Amabandla amakhulu, amahlelo amakhulu, yonke into iza kokukhulu. “Uma kungekukhulu, awu, akunjalo.”

<sup>20</sup> Ngicabanga ukuthi ngisho nabesifazane sebegqoka kahle kakhulu, unyaka wesimanjemanje. Izicathulo eziyimfashini endala, zazinesikhumba kuzo, uzithengela cishe amadola amathathu ipheya, lona hlobo oluzehlula lonke impela, zazinesikhumba esiningi kuzo ukwedlula ishumi nambili ezinaso namhlanje, osikhokhela amadola angamashumi amabili nanhlanu. Kodwa kufanele kube uhlobo olukhulu, niyazi,

izithende ezicishe zibe *kanjalo*, futhi singabi nazinzwane kuso, kodwa zinkulu. Niyabo, yinto. Ufanele ucishe ube semajikeni amakhulu ukuze uhambe kukho, niyabo. Kunjalo. Yonke into isiye yahlanya, kimi, niyabo. Kodwa u—unyaka omkhulu. Isikhathi esikhulu.

<sup>21</sup> Zonke lezi zimpawu ziwu—ziwuphawu lobumnyama obungokomoya. Zonke lezi zinto esizibona zenzeka kulokhu okukhulu, okukhulu, okukhulu, uma nje sazi! Sijahile, sifanele sifike lapho, futhi senzani lapho sifika lapho na? Kwakuvamise ukuthatha, ukuhamba ngizinyawo uye ekhaya usuka emsebenzini, kwakuvame ukuba izinganyana ezazifanele zihambe ngezinyawo ukuya esikoleni, futhi manje banebhasi elizofika emnyango libathathe futhi libaphelezele libangenise esikoleni futhi libakhiphe esikoleni, bese-ke ukhokha ingxenye yesigidi samadola ngegumbi lezemidlalo, ukubanikeza ukuzivocavoca okuncane, kungenjalo bayafa. Awu, babevame ukukuthola behamba ngezinyawo beya esikoleni. Unyaka omkhulu! Manje akunjalo lokho na? Ngisho namabandla afanele abe nakho, awanawo umsebenzi owenele phakathi kwawo, kumele babatholele i—i—igumbi lapho bonke bengadlala khona futhi bagxume phansi naphezulu. Kwakuvame ukuba kube nguMoya owawubenza benze lokho, kodwa manje sebefanele baphumele lapho, uhlobo lwesikhathi esikhulu. Niyabo, konke kuholela ebumnyameni bukamoya, usuku olukhulu esiphila kulo.

<sup>22</sup> Niyazi, abantu baKhe, abantu bakaNkulunkulu beBhayibheli, ubelokhu exwayiswa, ngoNkulunkulu, ukuba aqaphele izibonakaliso zesikhathi. UJesu, ngenkathi Esemhlabeni, Wathi kubaFarisi bosuku lwaKhe, Wathi, “Nina baFarisi abayizimpumputhe.” Wathi, “Niphuma kusihlwa nibheke futhi nibone izibhakabhaka sicwebile futhi sibomvu,” wathi, “‘Kusasa,’ niyothi, ‘kuyoba usuku olucwebile.’” Futhi Wathi, “Bese niyaphuma futhi ligqunqile, libukeka lithukuthele, bese-ke, ‘Kusasa lizobe liyisimo sezulu esibi.’” Wathi, “Niyakwazi ukuhlukanisa ubuso besibhakabhaka, kepha isibonakaliso sesikhathi anikwazi ukusibona.” Wathi, “Ukuba beningazi Mina, beniyolwazi usuku lwaMi. Ukuba benimazi noMose,” Wathi, “beniyakungazi Mina, ngoba uMose waloba ngaMi.”

<sup>23</sup> Ngamanye amazwi, njengoba kade ngisho, bebeyokwazi ukuthi umBhalo ofanele ugcwaliseke ngalolosuku wawugcwaliseka, futhi babengazi. Babenamehlo abo—abo egxile kakhulu emasikweni abo, nezinto, baze bangabe besawubona umBhalo wangempela wembuleka phambi kwabo.

<sup>24</sup> Ngingafanisa lo nyaka kulowo. Ukuthi ngisho naphakathi kwa—abantu abakahle, ngesinye isikhathi, bayehluleka ukukubona. Bavele bahambe, futhi, qiniso, ngi—ngi... Bekungangidumaza ukuba bengingazi ukuthi uJesu washo

lokho Akwenza ngakho, ukuthi, “Akekho ongeza uma uBaba waMi engamdonsi, nakho konke uBaba aNgiphe khona kuzoza.” Abasoze bakwazi ukuKubona. Wathi, “U-Isaya wakhuluma kahle ngani, ethi, ‘Ninamehlo futhi aniboni, ninezindlebe futhi anizwa.’” Kungukubonakala okudabukisayo, kodwa yindlela ababeyiyo.

<sup>25</sup> Futhi manje sithola cishe into nje efanayo ekhona namuhla, lapho sazi ukuthi siphila ehoreni lapho isigayegaye esizosibekela umhlaba nabantu. Futhi siyathola, ukuthi zonke lezimpumelelo zesimanjemanje, zonyaka omkhulu, kanjalonjalo, esiphila kuso, yisibonakaliso kuphela sobumnyama obuyisigayegaye ezingeni lokomoya. Sisonyakeni webandla laseLawodikeya, lapho besivivi nje. Babengaya esontweni, futhi abantu bayakwenza, futhi—futhi kubonakala sengathi kunentshiseko yokuya esontweni; kodwa ukwazi noma yini ngoMoya, isikhathi abaphila kuso, abanye babo bayizimpumputhe njengoba bengaba njalo ngalezo zinto. Akunandaba ukuthi uNkulunkulu ubezokwenzani, nokuthi bekuyofakazelwa kahle kanjani yiZwi laKhe, nokho abakwazi nje ukukubona. Ngiyazibuza nje ukuthi akufani yini nalokho Akusho, “Sinamehlo, kodwa asiboni.” Sifanele siqalaze futhi sibone zonke lezi zinto ezenzekayo ziyisibonakaliso sokuthi ukuphela sekusondele, ngoba lezi yizinto ezabikezelwa ukuthi zizakuba khona ngalesosikhathi.

<sup>26</sup> Ngifuna ukuba niqaphele ukuqhubeka okungaguquki kweZwi likaNkulunkulu nemisebenzi yaKhe. Niyabo, Akaluguquli neze uhlelo lwaKhe—lwaKhe. Akaziguquli neze izindlela zaKhe. Ngokuphelele nje, umBhalo usekuqhubekeni okuphelele. Konke uNkulunkulu akwenzayo kusekuqhubekeni nalokho Akwenzile. Niyabo? Nalokho Akwenza kuqala, lokho ngukuthi, Uyokwenza ngokwesibili ngendlela efanayo.

<sup>27</sup> Futhi nje ukukufakazela kini, Wenze imithetho emhlabeni. Futhi Ubehlale enika abantu baKhe isibonakaliso ngaphambi kokuba kwenzeke isehlakalo. Manje Ubehlale ekwenza. Futhi Uyokwenza njalo, ngoba UnguNkulunkulu ongaguqukiyo. “NginguNkulunkulu,” Wathi, “Angiguquki.” Indlela Abeka ngayo uhlelo lwaKhe ekuqaleni, yile yondlela okungayo onyakeni ngamunye. Akakuguquli neze.

<sup>28</sup> Ngenkathi Ebeka umhlaba ukuthi uvule isisekelo samahora angamashumi amabili nane; singahle sibe nezikhathi zokonga ukukhanya kwemini, nazo zonke izinhlobo zezikhathi, kodwa akuguquki neze ukuphenduka komhlaba. Uwenza isiyingi esiphelele njalo amahora angamashumi amabili nane, uphenduke. Akazishintshi neze izinkathi zonyaka, uNkulunkulu unentwasahlobo, ihlobo, ubusika, njengoba nje kwakuhlala kunjalo. Yile yondlela Akwenza ngayo kuqala, yile yondlela Akwenza ngayo ngaso sonke isikhathi. Ukuqhubeka kwemithetho yaKhe, nokweZwi laKhe, nemisebenzi yaKhe, ukuthi konke kuhlalana kanjani ngokuphelele!

<sup>29</sup> Ngakho-ke, uma singabheka okwakuyikho, singakwazi ukwazi ukuthi kuyini nokuthi kuzoba yini. Ungasekela imicabango yakho phezu kwalokho, ngokuba umBhalo uthi, “Unguye izolo, namuhla, naphakade.”

<sup>30</sup> Siyaqaphela ngaphambi kokuba kufike isikhathi sasentwasahlobo. Bhekisisani eminye yemithetho yaKhe. “Lapho ubona izihlahla zihluma,” Wathi, “uyazi ukuthi ihlobo seliseduze.” Isikhathi sasentwasahlobo siyisibonakaliso sokungenisa kwehlobo elizayo. Lowo ngumthetho. Kuhlale kwenzeka kanjalo. Awunalo ihlobo, bese kuthi lapho ngesikhathi lapho kuba ubusika khona-ke kuvela amaqabunga. Qhabo, unamahlamvu kuqala, ngoba yisethulo ngukungenisa kwemithetho yemvelo yaKhe, leyonkathi yasentwasahlobo iyeza. Akwehluleki neze. Lapho ubona izihlahla ziqala ukuthamba, ngasemaxolweni, futhi imiqumbe encane iqala ukukhukhumala, niyazi ukuthi kuyisibonakaliso sokuthi intwasahlobo isifikile, iyangena.

<sup>31</sup> Lapho inkwindla yonyaka ngaphambi kokuba sibe nesithwathwa nanoma yini, futhi amaqabunga ayawa ezihlahleni, nina nithi, “Awu, ikwindla iseduze.” Wazi kanjani na? Ngoba amaqabunga ayawa. Imvelo iyazilungiselela ngakho. Njalo ngonyaka kuyafana.

<sup>32</sup> Usinika nesibonakaliso futhi ekushintsheni kwesimo sezulu. Ungaphuma futhi ubuke, njengoba Asho, “Uyasibona isibhakabhaka sibomvu futhi sigqunqile, kusasa kuzoba nesimo sezulu esibi.” Futhi Akakushintshi neze. Uhlala esixwayisa. Ungathatha, uzwe umoya uqala ukuba manzi, isikhathi eside ngaphambi kwesiphepho, futhi ubuke imvelo yonke idlala ngalokho. Yisibonakaliso.

<sup>33</sup> Njengoba ngangivame ukuthi, “Ukuba lalingekho iBhayibheli, bengiyokwazi ukuthi kwakukhona uNkulunkulu, ukubheka nje indlela imvelo esebenza ngayo.” Yimithetho yaKhe, yonke ihambisana nomunye. IZwi laKhe lisekuqhubekeni; Angeke lehluleke. Izibonakaliso zakhe zisekuqhubekeni nesikhathi. Izibonakaliso zihambisana neBhayibheli ngqo. Izibonakaliso zisenyangeni ngqo. Izibonakaliso zisesibhakabhakeni ngqo. Izibonakaliso zisemhlabeni ngqo. Izimpawu zisebandleni ngqo. Futhi singaqalaza ebandleni, namhlanje, futhi sibone isibonakaliso silungele Yena nje ukuba afike.

<sup>34</sup> Isibonelo, ukuthi kusebenza kanjani emvelweni. Ngike ngaya senhla emahlathini asenyakatho, lapho engangizingela khona, ngaphambi kokuba sibe no—umkhuhlane obandayo; amadada amancane aphuma eLouisiana, akhuphukele lapho futhi akhe izidleke zawo, futhi achamusele abancane bawo. Vumela nje umoya omncane wokuqala obandayo uphume esiqongweni salelo gquma lapho iqhwa ligubuzela izintaba,

nalawomadada amancane avuka lapho, futhi akakaze asuke kulesosiziba, futhi eze aqonde ngqo ebuyele eLouisiana njengoba engeza. Yimvelo, niyabo, imithetho yemvelo. Ayakwenza minyaka yonke. Futhi-ke makuthi, into yokuqala niyazi, ezansi lapha eLouisiana ilanga elishisayo liqala ukuthululeka phansi, ezansi lapha eLouisiana, abuke onke ebuthana, aphinde abe yiqulu futhi, bese ebuyela ngqo ezintabeni futhi.

<sup>35</sup> Bhekani amahansi ngapha eTexas, lapho abaningi awo ehamba. Ngisibonile isikhathi sokuthi sifanele simise imoto, emgwaqeni. Awakhathazwa muntu. Acabanga ngokuhamba. Anemvuselelo eqhubekayo. Wonke ndawonye, awukaze uzwe umsindo ongako. Kubi kakhulu kunamaPentecostal, uma ehlangana ndawonye. Niyabo? Kuyini na? Yimithetho yemvelo. Niyabo, ona, minyaka yonke ayabuthana, bese-ke eba yiqulu, futhi ahambe. Lapho lawomadada ehamba, namahansi esuka eTexas, ihlobo lisindleleni. Kunjalo.

<sup>36</sup> Futhi lapho esuka enyakatho yeBritish Columbia, ubusika busindleleni; wezwe amahansi ewela, eklabalasa ngendlela enza ngayo, eya eningizimu. Ngingawalalela futhi ngikhale, ngoba ngibona uNkulunkulu ewaqondisa. Kuyini okuwaholayo emoyeni ongenandlela, lapho engelutho kodwa isilwane esiyisimungulu na? Yini ekwenzayo na? Uma ngilizwa lehla, lidazuluka, lowomholi phandle lapho, ethi ukuthatha indlela yakhe; mhlawumbe akakaze andize indlela yakhe eya eLouisiana ngaphambili, kodwa uzofika lapho. Ungakhathazeki. Kukhona okumtshelayo ukuthi kumele aye kuphi. Uthatha indiza yakhe. Uholo umhlambi. Kuza lonke iqulu lawo. Kungenzeka abakaze bafike lapho ngaphambilini. Kodwa uyazi kahle lapho a—amasimu elayisi anerayisi khona, ngoba kukhona okumholayo. Yimvelo.

<sup>37</sup> Bese kuthi intwasahlobo, lapho kumnandi futhi kufudumele ezansi lapha kubo bonke ubusika, uzophindela emuva ngqo futhi. Kungani na? Imvelo yakhe iziveza yona. Yimithetho kaNkulunkulu.

<sup>38</sup> Izibonakaliso zaKhe njalo zandulela izehlakalo zaKhe, njengoba kwenza lokho. Uma ubona amahansi ehamba, ubona imiqumbe ivela, nibone amaqabunga ewa, niyabo, wukuqhubeka kwemvelo ihlangana. Umthetho kaNkulunkulu wemvelo uyahlangana, futhi Wandulela izehlakalo zaKhe. Bekuhlala kunjalo, akukaze kwehluleke, futhi akusoze kuhluleke.

<sup>39</sup> Uma nje silandela ukuqhubeka kweZwi likaNkulunkulu, asisoze sehluleka, nathi. Uma singawuthathi u—umkhuba wesimanjemanje wosuku futhi—futhi sizame ukujovela enye into kuyo, kodwa nje silandele ukuqhubeka kwakho kwalonyaka, bhekani ukuthi kwenzekani. Sizoya ngqo ekhaya, futhi,

ngolunye lwalezi zinsuku. Ngaso sonke isikhathi senza lokho, futhi asilokothi sehluleke.

<sup>40</sup> Abaprofethi bayisibonakaliso esikhulu kakhulu. Isibonakaliso esikhulu kakhulu sikaNkulunkulu ngumprofethi. Manje ngizokhuluma imizuzu embalwa ngalokho. BayiZwi laKhe elibonakalisiwe lalowonyaka, futhi kungalesosizathu umprofethi njalo eyisibonakaliso esikhulu kakhulu sikaNkulunkulu. Akakaze athumele ukwahlulela emhlabeni ngaphandle kokuthumela umprofethi kuqala. Bonani nje, futhi nihlole imiBhalo. Umprofethi uyisibonakaliso esikhulu sikaNkulunkulu, kubantu baKhe, ukuthi Uthume lo muntu, lomuntu othize, njengoNowa, njengoMose, no—no-Eliya nabaprofethi. Ubathumela ukubonakalisa iZwi lalowonyaka, ukunikeza abantu baKhe isexwayiso.

<sup>41</sup> Ngokufanayo nje njengoba Ethumela umoya obandayo phezu kwamadada, ukuwagijimisa ukusuka eNyakatho kuya eNingizimu; ukuqhubeka emvelweni, ukuqhubeka eZwini, Akehluli neze ukukwenza. Uma kuthatha isimo sezulu esibandayo ukuwehlisa, ngonyaka ozayo kuthatha isimo sezulu esibandayo ukuwehlisa. Uma kuthatha isimo sezulu esishisayo ukuwabuyisela emuva, ngonyaka olandelayo kuthatha isimo sezulu esishisayo ukuwabuyisela emuva.

<sup>42</sup> Futhi uma uNkulunkulu elungiselela ukuthumela ukwahlulela, ngaphambi kokuba Athumele ukwahlulela, Uthumela umprofethi futhi abonakalise iZwi laKhe, uqinisekisa iZwi lalowonyaka. Wakwenza kuyo yonke eminye iminyaka. Wethembisa ukukwenza kulonyaka. Futhi Uzokwenza kulonyaka, kungakhathaleki ukuthi abantu bathini ngakho. Uzokwenza, noma kanjani, ngoba Angeke ephule ukuqhubeka kwaKhe. Kuyindlela Ahlela ngayo, Uhlala ekwenza ngendlela efanayo. Akehluleki neze ukukwenza njengoba Akwenza okokuqala.

<sup>43</sup> NjengoJohane umBhaphathizi, manje, sesibe neminyaka engamakhulu amane, kusukela kuMalaki kuya kuJohane, akukaze kube nesibonakaliso, umprofethi weTestamente eLidala, ngangobude bebanga (funa isikhathi abehluleli) elake laba khona ngaphandle komprofethi. Kwakuyini indaba, kungani babengenaye umprofethi ngaleso sikhathi na? Kwakungekho Zwi elalibekelwe leso sikhathi. Kwadingeka balinde kuze kufike isikhathi ngqo. Kwadingeka balinde. Isiprofetho kuMalaki sathi, kwakunguMalaki 3, “Bheka, ngiyathuma isithunywa saMi phambi kobuso baMi, silungise indlela yaMi phambi kwaMi,” uMalaki 3:1. Manje, leso kwakuyisiprofetho sikaMalaki sokufika kweNkosi uJesu. Akukho okwakuzokwenzeka phakathi kwaleso sikhathi, ngakho-ke ibandla lavele lavilapha futhi laqhubeka ngendlela yalo, kwaze kwasondela isikhathi sesithembiso.

<sup>44</sup> Futhi lapho isikhathi sesithembiso sisonдела, uNkulunkulu, ngendlela engaphezu kweyemvelo, waletha uJohane emhlabeni. Wayeyindoda ezelwe ngowesifazane, kusobala, futhi siyazi ukuthi unina wayebizwa ngo “Elisabethe” nobaba wakhe wayebizwa ngo “Zakariya.” Babengabantu abalungile. Futhi uyise wayengumpristi. Kwakuwumkhuba wabafana bangaleso sikhathi ukulandela u—umsebenzi kababa wabo, kodwa siyafundiswa ukuthi uJohane, ngenkathi eneminyaka eyisishiyagalolunye ubudala, emva kokufa kukayise, wahlala ehlane futhi wahlala yedwa waze waba neminyaka engamashumi amathathu.

<sup>45</sup> Niyabo, ukuba wayephendukele kulokho uyise ayenakho, babeyommosha kakhulu ukuthi wayengeke azi ukuthi uzombona kanjani lowoMesiya lapho Efika. Wayengeke neze aMazi. Kodwa wahlala ehlane. Ukuba wayeye ekolishi lenkolo, nomugqa womcabango kayise, khona-ke bonke babeyothi, “Manje, Johane, siyaqonda ukuthi uzoba yilowo oyokwazi uMesiya lapho Efika. Manje, awucabangi yini ukuthi uMfowethu *S’bani-bani* lapha ulingane nesikhundla ncamashi na? Kuthiwani ngoKayafase, umpристи wethu omkhulu namuhla, awucabangi ukuthi uyindoda emangalisayo nje?” Konke lokho emqondweni wakhe ongcewele, ubengeke akwazi ukukucabanga kahle.

<sup>46</sup> Waphumela ehlane, futhi walinda! Umsebenzi wakhe wawumkhulu kakhulu emfundweni. Umsebenzi wakhe wawumkhulu kakhulu esayenseni yezenkolo. Wayefanele amemezele uMesiya. Futhi wahlala ehlane.

<sup>47</sup> Bhekisisani ukushumayela kwakhe. Ukushumayela kwakhe kwakungezona izimiso zokuziphatha ze—zesayense yezenkolo yalolosuku. Niyaqaphela ukuthi kwakungenjalo. Wakhuluma ngani na? Izembe emthini, izinyoka. Niyabo, yilokho kuphela ayekwazi. Wakhuliswa ehlane. Yilokho ayekwazi: izinyoka, nezihlahla, nezimbazo, kanjalonjalo. Futhi yilokho umlayezo wakhe owawusekelwe kukho, imvelo. Lapho ethi, “Nina nzalo yezinyoka, ubani onibonisile ukuba nibalekele ulaka oluzayo na? Ningacabangi ukuthi nino-Abrahama ubaba wenu, ngoba uNkulunkulu angamvusela u-Abrahama abantwana kulawa matshe. Kanti nezembe libekiwe empandeni yomuthi; futhi yonke imithi engatheli isithelo esihle iyakugawulwa, futhi iphonswe emlilweni.” Wathi, “Mina nginibhaphathiza ngamanzi kukho ukuphenduka. Kodwa uyeza Lowo emva kwami Ozicathulo zaKhe engingafanele ukuzithwala, Uzonibhaphathiza ngoMoya oNgcewele, nomlilo. Imbenge yaKhe yokwela isesandleni saKhe; Uzakushanelisisa isibuya sakhe, kepha amakhoba uzakuwashisa ngomlilo ongacimekiyo, nokubuthela ukolweni enqolobaneni.” Amen.

<sup>48</sup> Kukhona umuntu, umprofethi ngempela. Wayenesibonakaliso ayefanele asibheke. Futhi ngenkathi ebona

uMesiya, wayeqinisekile kakhulu ukuthi Wayeza ngosuku lwakhe, wayeqinisekile kakhulu. O, ukuba iBandla belingathola kuphela indawo yaLo eqondile, ukuba Belazi nje ukuma kwaLo ehoreni! Ngokuba, ngokomBhalo, nguye owayezokwethula uMesiya, futhi wayazi ukuthi Wayefanele abe semhlabeni ngezinsuku zesiprofetho sakhe. Ngakho-ke Walibala eduze kwalapho ayeshumayela khona, ngangokuthi waze wathi, “Kukhona Omi phakathi kwenu manje, eningamazi, Oyedwa phakathi kwenu njengamanje.” Wayekwazi. Wayelapho. Ihora lase lisondele. Wayekwazi.

<sup>49</sup> Ngelinye ilanga wabuka, ehla evela eZulwini... Futhi wabona u—ukuKhanya, njengejuba lehla eZulwini. NaLowo oKwakhanya kuye, wathi, “ngiyafakaza ukuthi lo uyiNdodana kaNkulunkulu.” WaKubona. “Ngokuba Yena, ehlane, wangitshela, ‘Ozakubona uMoya ehla ahlale phezu kwakhe, lowo nguYe oyobhaphathiza ngoMoya oNgcwele noMlilo.”

<sup>50</sup> Wayengumuntu othunywe nguNkulunkulu, eqeqeshwe nguNkulunkulu, futhi wasebenzela uNkulunkulu, kwaze kwathi yena noNkulunkulu futhi waba... Wayengumprofethi, neZwi leza kuye, njengoba ngishilo ngobunye ubusuku, emanzini. WayeyiZwi le... likaNkulunkulu, okwesikhathi sesiprofetho sikaMalaki. UMalaki wathi kuyoba khona umuntu onjalo, noJohane wafika enkundleni, umprofethi, ukugcwalisa iZwi leNkosi, lalolosuku. Ngakho-ke, khona, wayeyisibonakaliso ku-Israyeli, ukuba nje babesazi isibonakaliso.

<sup>51</sup> Ngisho nabafundi bathi, “Kungani ababhali bethi umprofethi ufanele, u-Eliya ufanele afike kuqala na?”

Wathi, “Usevele ufikile, futhi animazanga.”

<sup>52</sup> UNkulunkulu ukwenza ngendlela elula, ukucosha nje leyombewu ekhethiweyo, abanye baze bangayiboni. Lelo yiqiniso.

<sup>53</sup> Bangaki isazi esasiseBabiloni, batadisha isayensi yezinkanyezi, ngenkathi lezi zazi ezintathu zazi ukuthi lapho, nokho, kulesosimiso sonozungezilanga, ngenkathi lezozinkanyezi ezintathu ziklelile, kwakuyisibonakaliso ukuthi uMesiya wayesemhlabeni na? Babekwazi. Bakukholwa. Futhi yibo ababona izinkanyezi. Bonke abanye abazange bazibone. Babesemlazoni wazo oqondile, kodwa bazibona ngendlela uNkulunkulu ayezibeke ngayo kubo.

<sup>54</sup> Yileyo ndlela iVangeli elingayo namuhla. Lingabonakala kuphela ngendlela uNkulunkulu alethula ngayo kuwe. Futhi uma lethulwa kuwe ngaphandle kokuqhubeka kweBhayibheli, khona-ke akusuye uNkulunkulu okutshela lokho. Amen. Awukwazi ukwenza iBhayibheli liqambe amanga. YiZwi likaNkulunkulu elingenaphutha. Futhi lifanele livumelane nokuqhubeka kwaKhe, lonke iZwi laKhe. Ngeke nje lisho *lokhu* indawo eyodwa, *nalokhu* okuthile okunye; futhi wenze

*lokhu* phezu, ushaye, uhlakaze. Ushaya esikhonkosini ngaso sonke isikhathi, iZwi liyakwenza, ngakho-ke ufanele ukwenze ekuqhubekeni kwalo lonke iZwi. Ngakho-ke, indlela yaKhe ibilokhu ikhona, eZwini, ukuthumela umprofethi ngaphambi kwalesosikhathi, ngaphambi kokuba Aqinisekise iZwi laKhe.

<sup>55</sup> Manje singahle sikhulume lapha, umzuzu nje, uyini *umprofethi*. Manje emagameni esiNgisi, ngokwamagama esiNgisi akho, kusho u “mshumayeli.” Awu, lawo amagama esiNgisi. Kodwa ngokwamagama esiHeberu, kubizwa ngo “mboni.”

<sup>56</sup> Nomboni kwakuyilowo owayenokuhunyushwa kweZwi elilotshiwe, futhi wabona kusengaphambili izinto ezazizofika. Futhi ngenkathi ekhuluma ngezinto ezazizofika, futhi wafakazisa ukuthi wayengumboni, khona-ke wazi. Bazi ukuthi wayenokuhunyushwa okuyikhona komBhalo, ngoba uNkulunkulu, ngaye, wawubonakalisa umBhalo olotshiwe walolosuku. Amen. Ningabi amavila. Vukani! Leyo kwakuyinkomba esobala, umboni, umbikezeli wezinto kanye nombikezeli-phambili. Futhi indlela kuphela abazi ngayo ukuthi wayethola ukuhunyushwa okuyikhonakhona emBhalweni, ngoba lokho akushoyo kuyenzeka. Khona-ke bazi ukuthi wayebizwe nguNkulunkulu, uNkulunkulu wakusho lokho. Base-ke beqaphela ukuthi kwenza, kwabuya ngqo ekuqhubekeni neZwi lalolosuku.

<sup>57</sup> UJesu wathi, “Hlolani imiBhalo!” Lapho bebona ukuthi Wayekwazi ukwehlukanisa imicabango eyayisemqondweni wabo, futhi baMbiza ngoBelzabule, Wathi, “Hlolani imiBhalo, YiYo efakaza ngaMi.” Ukuqhubeka kwemiBhalo kuhambisana ngokuphelele nesibonakaliso sesikhathi! Wayeyisibonakaliso sikaNkulunkulu sesikhathi. Wayengukubonakaliswa kweZwi elilotshiwe, kanti futhi wayekwazi ukubikezela okwakuzokwenzeka, futhi babengenakukuphika. Wayeyisibonakaliso esikhulu sosuku. Impela wayeyiso.

<sup>58</sup> Qaphela ukuqhubeka kweZwi laKhe elingaguquki, kanye noMoya oNgcwele. UJesu wathi, “Lapho uMoya oNgcwele esefikile phezu kwenu, Uzonikhumbuza, noma aveze lezi zinto enginitshele zona, kanti futhi uzonikhombisa izinto ezizayo.” Manje iBhayibheli. . .

<sup>59</sup> Abantu bathi namuhla, “Ayikho into okuthiwa umprofethi, ezweni.”

<sup>60</sup> Awu, kungani uPawulu ekubeke ebandleni na? “Okokuqala kwakukhona abaphostoli, abaprofethi, abafundisi, abelusi, nabavangeli.” Impela, babekhona.

<sup>61</sup> UMoya oNgcwele unguMprofethi. “Uma UMoya oNgcwele esefikile phezu kwakho, Yena uzokwembula, noma akufundise, akubonise. Lezi zinto enginitshele zona zonke beziyimpicabadala, awusaziqondi manje ngoba

akukhona okweminyaka yakho manje. Kodwa lapho uMoya oNgcwele esefikile, Uyokwenza lezozinto ziphile, kuze kufike esithembisweni ngqo. Hhayi lokho kuphela, kodwa Uzokukhombisa izinto ezizayo.”

<sup>62</sup> Udumo! Ukuqhubeka kweZwi likaNkulunkulu, isithembiso sikaNkulunkulu, uMoya kaNkulunkulu. Siphila ehoreni, sibhekisisa ukwembuleka kweziprofetho zonyaka, zifezeka. Yeka isikhathi esihle esiphila kuso! UMoya oNgcwele wawuzosibonisa izinto ezizayo.

<sup>63</sup> Umuntu useke wazama ukuzuza nokuzenzela igama ngokumenza isibonakaliso esikhulu. Yini eyenza indoda izame ukuzenza into ethile enkulu kunenye na? Kungani enza lokho na? Ngoba, kuye, uyimvelo. Yena, ngokwemvelo, uyisoni, kodwa ngomzimba uyiNdodana kaNkulunkulu ewileyo.

<sup>64</sup> Kungani ezenzela ikhaya elihle kangaka, elenza libe ngcono ngaso sonke isikhathi na? Yingenx-... Inyoni ayilenzi ikhaya layo lehluke. Ingulube yangaphansi komhlabathi ephila emhlabathini, njengoba yenza eminyakeni eyinkulungwane edlule. Niyabo? Inyoni isakha isidleke njengoba yayenza eminyakeni eyinkulungwane edlule. Niyabo? Kodwa umuntu uyakhula. Kungani na? Yena... futhi u—futhi uyindodana kaNkulunkulu ewile. Kukhona into kuye emtshela ukuthi isigodlo, muhle kakhulu, futhi kukhona okuthile kuye azama ukukuthola. Kuyakusesha. O, uma sibheka amanye alamakhaya namuhla, ayoba yini ngakolunye uhlangothi na? Uma imvelo ewile ingenza into efana nalena, kuyoba yini na?

<sup>65</sup> Kodwa yilokho okumenza enze lokho, imvelo yakhe ngaphakathi kuye. Nakuba ewile, uzama ukwenza okuthile kuye. Uzama ukwenza lokho. Bekunjalo kusukela ekuqaleni.

<sup>66</sup> U-Adamu, wazama ukwenza inkolo enkulu ngaphandle kokubuyisana. Basazama ukuyenza. Inkolo enkulu, enze inkolo ukuze aphile nganoma iyiphi indlela abefuna ngayo, ngaphandle kokubuyisana, futhi abe esalokhu enesembozo. Wazama ukukwenza ekuqaleni, futhi usazama ukukwenza.

<sup>67</sup> Kodwa indlela ehlinzekwe nguNkulunkulu yayiwukubuyisana, futhi ayisoze yasebenza ngenye indlela. Ifanele ibuyele ekubuyisaneni.

<sup>68</sup> UNimrode wazama ukwakha umbhoshongo omkhulu, umbhoshongo wenkolo. Ngabe kuzoba khona noma ngubani oyo... Umbhoshongo omncane wawungase ube ngamafidi angamashumi amathathu ukuphakama, kodwa wayefuna ukwenza into enkulu, okuthile okukhudlwana, ngakho-ke wamakhela umbhoshongo. Lokho kwakusosukwini lwakhe.

<sup>69</sup> UNebukadinesari wayefuna ukwakha umuzi elikhulu. Wasusa isifanekiso eZulwini, izingadi ezishwibekayo, umfula i-Ewufrathe, ngasesihlalweni sobukhosi; njengaManzi okuPhila

nje, uMfula wokuPhila, ogeleza ngasesiHlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu. Wazama ukwenza umuzi omkhulu.

<sup>70</sup> I-United States, eminyakeni embalwa edule, yazama ukwenza umkhumbi omkhulu. Bawenza, ngakho-ke bathi, “Wawungasoze ucwile. Wawungecwiliswe.” UNkulunkulu wabeka i-Titanic ekujuleni kolwandle. Kukhombisa ukuthi impumelelo yomuntu ayisoze yabalelwa kuyilutho. Konke kuwuthuli futhi kubuyela othulini, lokho okukuye.

<sup>71</sup> IRushiya, namhlanje, izama ukuphakamisa usosayense omkhulu ongenza izinto ezithile zesayense, ukunqoba izwe.

<sup>72</sup> IFrance, kungekudala, yayicabanga ukuthi basengaba nabesifazane bayo, iwayini, nesikhathi esikhulu; ngakho-ke bazenza, okubizwa, iMagenot Line, izibhamu zabo zazibheke ngaseJalimane, isitha esikhulu. “Uma zike zafika ngalendlela! Sizovele siphile nganoma iyiphi indlela esifuna ukuphila ngayo. Futhi sizokwenza umugqa omkhulu kakhulu lapha, siwenze ngokhonkolo, sikhombe izibhamu zethu. Uma kwenzeka befika, sizothinta inkinobho; konke kuzoqhuma bese kubaqhumisa babuyele eJalimane.” IJalimane yamasha yazungeza ngemuva kwawo. Bakhohlwa.

<sup>73</sup> Kanjalo nathi sesikhohliwe! UNkulunkulu, ngesandla saKhe esinamandla, ukhombisa lomhlaba ukuthi angeke ume. Kodwa bafuna isibonakaliso esikhulu.

<sup>74</sup> Babenzela iMagenot Line, neJalimane yamasha yenyukela ngqo emva kwawo, ngoba bakhohlwa. Ngakho-ke, babekwazi ukubeka izibhamu phezu kombhoshongo onezikhali, babekwazi ukuphendula uzungeze ubuyisele emuva ngenye indlela futhi badubule. Bakukhohlwa lokho.

<sup>75</sup> Yilokho nje ibandla elikukhohlwayo namuhla. Banebandla elikhulu. Banehlelo elikhulu. Banabantu abagqoke kahle kakhulu. Banakho konke abakufunayo, nabefundisi abakhulu abanemfundo enkulu. Kodwa uyakhohlwa ukuthi iZwi likaNkulunkulu alinakwehluleka. Kufanele kufike ngendlela uNkulunkulu ayethe kuyofika ngayo. Ayikho indlela yokukweqa.

<sup>76</sup> Kwafika eJalimane, kamuva. Bacabanga ukuthi kwakuyisu elihle lelo, ngakho-ke babezowulungisa ukuze bakwazi ukujikisa izibhamu zabo ngenye indlela. Ngakho-ke bazakhela umugqa, obizwa ngokuthi uMugqa iSiegfried, kodwa izingqovungqovu zaseMelika zazisakaza sazasuka phansi. Niyabo?

Bazama ukwenza into enkulu, enkulu, ngaso sonke isikhathi.

<sup>77</sup> Amabandla namhlanje afuna ihlelo lawo elikhulu. Sizamile isikhathi eside, amaMethodisti athatha konke, amaBaptisti athatha konke. Bese-ke iPentecostal ingena

emncintiswaneni, bathatha konke. AmaKatolika azama ukuthatha konke. Ngakho-ke bayathola, iqembu elincane elihlakazekile, abakwazi ukukwenza. Kodwa ukukuhlanganisa, ukuthi kuzwakala kungokomBhalo kanjani! “Sihlanganise! Sihlanganise, sizokwenza-ke. Sizoxosha ubukhomanisi olwandlekazi.”

<sup>78</sup> Bengazi ukuthi uNkulunkulu wavusa ubukhomanisi ukuba bubahlule. Lelo yigama elikhulu umshumayeli ukuba alisho. Kodwa ngiyagula kakhulu ngokuzwa lokhu, “UbuKhomanisi! UbuKhomanisi!” Niyazazi izimpawu zobukhomanisi. Kodwa ihora ophila kulo, awazi lutho ngalo. Anazi yini ukuthi uNkulunkulu wethembisa ukwenza lokho na? Ngokufanayo njengoba Aqala, wavusa uNebukadinesari ukuba abhubhise u-Israyeli, ngoba abahambanga endleleni yaKhe. IBhayibheli likufundisa ngokucacile lokho, futhi leli yihora lokuba khona kwenzeke.

<sup>79</sup> Siyathola, osukwini esiphila kulo, zonke lezizinto. Azizona into efihliwe, yinto ethile uNkulunkulu eyembulile eZwini, kodwa abantu bayizimpumputhe kakhulu ukuba bangakubona.

<sup>80</sup> Namuhla siyacabanga, “Awu, manje, uma sonke singahlangana ebunyeni obukhona, noma emkhandlwini, ‘kukhona ukuphepha esixukwini somkhandlu.’”

<sup>81</sup> Kuyiqiniso lokho, kodwa hlobo luni lwesixuku eniluleka kuso na? Ningahamba kanjani ndawonye na? Ningawaphonsa kanjani lawa mahlelo ndawonye na? Abanye balawo makholwa, futhi abanye abangakholwa, abanye abangabazenzisi, uzobahlanganisa kanjani futhi nihambe ndawonye na? “Bangahamba kanjani ababili ndawonye bengavumelananga na?” kulotshiwe futhi. Bukani lapha ukuthi benzani, bazenza isixuku.

<sup>82</sup> Ngesinye isikhathi benza into efanayo eBhayibhelini, ngenkathi u-Ahabi wayesenkathazweni, futhi, noma u-Ahabi wathumela ezansi uJehoshafati ukuba ehle evela—evela eJudiya no—nokuthola ukuthi angawathatha yini amabutho akhe futhi amsize ukulwa impi. Futhi uJehoshafati, ikholwa elingaxhumene noNkulunkulu walo, wehlela lapho wayesethi, “Yebo.”

<sup>83</sup> Wathi, “Kunesiqephu somhlaba phezulu lapho esingesethu. Leso ngesethu. UNkulunkulu usinike sona. Umprofethi uJoshuwa wasabela lowomhlaba, futhi manje sithola ukuthi ungowesitha. Isitha sitshala ukolweni lapho, okufanele ungene eziswini zethu maHeberu, futhi manje sebewuyisa ngalapho nesitha.” Wathi, “Singakhuphuka na? Uzokhuphuka nami na?”

<sup>84</sup> Awu, manje, uJehoshafati, engawuthathi umcabango wesibili, wathi, “Ngani, impela. Izinqola zami ziyizinqola zakho. Abamahhashi bami bangabamahhashi akho. Abahamba ngezinyawo bami ngabahamba ngezinyawo

bakho. Singabazalwane. Masivumelane ndawonye, sizokwenza umbimbi futhi sizokhuphuka.” Kwabe-ke sekumshaya, “Kungcono sifune uNkulunkulu, kuqala.” O, he!

<sup>85</sup> Ngaphambi kokuba ujoyine leyonto, kungcono ufune uNkulunkulu, kuqala. Kungcono uthole ngaphambi kokuba uphonse ibandla lakho eBabiloni elinjalo. Uzofanele ukwenze, noma uthathe uphawu lwesilo. Kodwa qhubeka.

<sup>86</sup> Bathi, u-Ahabi wathi, “Impela, bekufanele ngikucabange lokho.” Wathi, “Nginamakhulu amane ezansi lapha esikoleni sokufundela ubufundisi, abaprofethi bamaHeberu, abedlula bonke abakhona ezweni. Akukho okungcono, noma kuphi. Sizoyobalanda.”

<sup>87</sup> Futhi kwenyuka abaprofethi, futhi bonke baprofetha. Impela, babehambisana ncamashi no—umqondo olungile, babecabanga. Bathi, “Impela, lokho kungokuka-Israyeli. Uma uNkulunkulu enika u-Israyeli lokho, kungokuka-Israyeli.”

<sup>88</sup> Kodwa uNkulunkulu ukunika lezi zinto kuphela ngemibandela. Yilokho engikucabangayo ngeziphiwo zikaMoya, eBandleni, namuhla. Abaningi kakhulu bathi kudinga ukuba phakathi lapho. Kodwa kuzongena lapho kuphela ngaphansi kwemibandela.

<sup>89</sup> Umfundisi odumile wathi kimi, esikhathini esingeside esedlule, “Anizukuyeka ukuqola labo besifazane namadoda, ngalokhu, lokho, noma okunye na?” Wathi, “Bebekuthatha njengomboni, noma umprofethi.” Wathi, “Kungani ungabafundisi ukuthi umukelwa kanjani uMoya oNgcwele nezephiwo ezinkulu na?”

Ngathi, “Bebeyokwenzenjani ngazo na?”

<sup>90</sup> Wathi, “Wena, ubufanele ubafundise izinto ezingcono kunokuzama ukubatshelela ukuthi bazigunda kanjani izinwele zabo futhi bagqoke izingubo zabo, kanjalonjalo kanjalo. Awufanele ukwenze lokho.”

<sup>91</sup> Ngathi, “Ngizobafundisa kanjani ongwaqa kuyilapho bengeke balalele ngisho no-ABC babo na?” Niyabo? Uzokwenza kanjani lokho na? Bane... UNkulunkulu unikeza lezi ziphiwo ngemibandela.

<sup>92</sup> Nalelozwe lalingelika-Israyeli, ngaphansi kwemibandela yokuthi lahlala lithembekile kuNkulunkulu. Kodwa bukani ukuthi imbuka elinjani ababenalo phakathi lapho lomelusi, evumela nje ukukhonza izithombe nakho konke okunye kushanellelwe ngaphakathi. Kodwa abaprofethi, becabanga ukuthi lokho kwakungokukaNkulunkulu, lalingelika-Israyeli, laliyisipho ku-Israyeli, babefanele balidle.

Leyo yinto efanayo eyenzekayo namuhla.

<sup>93</sup> Kodwa khumbulani lapho bonke beprofetha nganhliziyonye, futhi omunye yawo, ngiyakholwa, uZedekiya, wamenzela

izimpondo ezinkulu kakhulu zensimbi. Wathi, “Uyothatha lezi futhi uwaqhubushe amaSiriya aphume athi ngqu ezweni, ngazo.”

<sup>94</sup> Futhi nje kwakungahambisani nalendoda yenkolo, enhle, enesimilo, uJehoshafati. Wathi, “Awu, awunaye emunye futhi na?”

<sup>95</sup> “Omunye futhi, ngenkathi sinamakhulu amane na? Amakhulu amane, nganhliziyonye, athi, ‘Sizoba noMkhandlu wamaBandla. Sizo—sizokwenza nje.’” Niyabo, bonke babemunye. Wathi, “Bona ba, bonke, bayavumelana.” Wathi, “Kungani ungaqhubekeli phambili futhi uvele ukhuphuke nami na?”

<sup>96</sup> Wathi, “Akekho omunye yini ongabuza kuye ngalokhu, onokuxhumana noNkulunkulu na?”

<sup>97</sup> Wathi, “Yebo, ukhona omunye futhi, kodwa ngiyamzonda impela.” Yilokho-ke.

<sup>98</sup> “O, inkosi mayingasho njalo,” kusho uJehoshafati. “Makuthi—masihambe sibuze kuye futhi—futhi sibone ukuthi kungaba yini.”

<sup>99</sup> Wathi, “Kukhona oyedwa, ya, ngiyamazi, indodana ka-Imla,” wathi, “UMikaya. Kodwa,” wathi, “Ngiyamzonda.” Wathi, “Uhlezi engiqalekisa. Uhlale engitshela ukuthi nginephutha ne—nesihogo singilindle.” Wathi, “Ngiyakuzonda ngisho nokumuzwa eshumayela. Akekho noyedwa kubefundisi bonke ongeke aze abe naye emasontweni abo.” Wathi, “Simxoshile, esikhathini eside esedlule, kusoseshini.” Wathi, “Angazi nokuthi uzomtholaphi.”

“O,” wathi, “inkosi mayingasho njalo. Asihambe simlande.”

<sup>100</sup> Ngakho-ke omunye usoseshini wamlandela. Wathi, “Manje, Mikaya, usunethuba lokuthola ikhadi lakho lobulungu futhi, uma uzosho into efanayo abayishoyo. Niyabo, uma nje uzokwenza, uma uzovumelana nathi, ukuthi sonke sifanele sijoyine umkhandlu futhi sonke singene ndawonye, sivele... uzoba ngomunye wethu.”

<sup>101</sup> O, kodwa uNkulunkulu uhlala enomuntu ozoma eqinisweni. Wathi, “Njengoba iNkosi uNkulunkulu iphila, ngizosho kuphela lokho Engitshela khona ukuba ngikusho.” Amen.

<sup>102</sup> Leso kwakuyisibonakaliso kuJehoshafati. Uyazi ukuthi indaba ihamba kanjani. Futhi wathi, “Ngani, uNkulunkulu washo!” Nakuba abangamakhulu amane emkhandlwini ubemelene naye, nokho wema. Futhi kwakuyisibonakaliso kuJehoshafati. Futhi uJehoshafati akavumanga ukuphuma lapho.

<sup>103</sup> Ngakho-ke sithola ukuthi umphumela waba kanjani, ngoba izwi lalowo muntu lalifana neamashi nezwi lomprofethi elaliprofethiwe osukwini luka-Ahabi, “Ngoba wathatha

uNaboti olungileyo futhi wambulala, nezinto, uNkulunkulu wamtshela, ngomprofethi u-Eliya, ukuthi, 'Izinja ziyokhatha igazi lakho uqobo,' kunjalo, nokuthi kwakuyokwenzekani, nokuthi zaziynomudla kanjani uJezebeli." Waprofetha. Lelo kwakuyiZwi, futhi uMikaya nguye owayengakufeza. Amen.

<sup>104</sup> Wayeyisibonakaliso somprofethi walolosuku, ukuba nje bamlalela. Akukaze kwehluleke. UNkulunkulu uhlala ekuthumela.

<sup>105</sup> Wonke umuntu uhlale efuna isibonakaliso. Sifanele sibheke izibonakaliso. Kunjalo. Kodwa ezenkolo... Izibonakaliso ezingokombhalo, hhayi izibonakaliso zenkolo; Izibonakaliso zeBhayibheli.

<sup>106</sup> Wonke umuntu wayezobheka isibonakaliso, futhi bazi ukuthi lolu kwakuzoba usuku olukhulu, UNkulunkulu ebona isiphetho kusukela ekuqaleni, ngakho-ke Wathi, "Ngizobanika isibonakaliso, isibonakaliso esikhulu. Ngizobanika isibonakaliso saPhakade." Amen. "Ngizobanika leso esingasozwe sahluleka futhi esingasozwe sadlula." Amen. "Bafuna isibonakaliso, ngakho-ke ngizobanika esisodwa, isibonakaliso esikhulu."

<sup>107</sup> Akafikanga ngokupholishwa kwezwe, ngendlela ababeMlindele ukuba afike ngayo. Kodwa Wathini na? "Intombi iyakukhulelwa." Amen. Leso kwakuyisibonakaliso. Leso kwakuyisibonakaliso esikhulu. "Intombi iyokhulelwa." Amen. Esikhulu, isibonakaliso esikhulu; hhayi isibonakaliso semvelo, kodwa isibonakaliso esikhulu; intombi ikhulelwa, niyabo, isibonakaliso esingaphezu kwemvelo. Okungaphezu kwemvelo! Kwakuyisibonakaliso esikhulu, ngokuba intombi yayingakaze ikwenze ngaphambili, kodwa, "Iyakukhulelwa."

<sup>108</sup> Kwakuzoba yini na? "IGama laKhe liyakubizwa ngo-Imanuveli." Kuyoba njani na? "UNkulunkulu nomuntu bayoba munye." Leso isibonakaliso esikhulu.

<sup>109</sup> O Nkulunkulu, ukuba umhlaba ubungabona lokho kuphela, ukuthi uNkulunkulu nomuntu bamunye! Isibonakaliso esikhulu kwakuyilowoMuntu wokuqala uNkulunkulu ayengena kuye; konke lokho uNkulunkulu ayeyikho Wakuthululela kuKristu. Futhi konke uKristu ayeyikho Wakuthululela eBandleni. Isibonakaliso esikhulu, uNkulunkulu nomuntu, ndawonye, lokho kwakuzoba isibonakaliso esikhulu sosuku lokugcina, lapho iBhayibheli lonke lalizogcwaliseka ezinsukwini zokugcina.

<sup>110</sup> Isibonakaliso esikhulu, "Intombi iyakukhulelwa. Futhi lo mqondo, lapho Uvezwa, kuzoba nguNkulunkulu ebonakaliswe enyameni," isibonakaliso esikhulu. Abakakukholwa namanje, kodwa kwakunjalo noma kanjani. Kuseyisibonakaliso esikhulu.

<sup>111</sup> Qaphelani, isibonakaliso esikhulu! Banendoda enkulu namuhla, banezinganekwane zomuntu omkhulu, zonke

lezi ezinye izinhlobo zezinto ezinkulu. Kodwa iBandla linesibonakaliso esikhulu, uNkulunkulu emuva eBandleni, ebonakaliswa enyameni yomuntu. UNkulunkulu ehlangene nomuntu, isibonakaliso saKhe esikhulu esiqinisekile!

<sup>112</sup> Qaphelani isibonakaliso saPhakade, isibonakaliso esingehluleki, Asisoze sehluleka. Umuntu kanye ne...IZwi nomuntu baba munye. Lapho iZwi likaNkulunkulu nomuntu kuba kunye, njengoba uJohane oNgc. isahluko 1 ethi, “Ekuqaleni wayekhona uLizwi, futhi uLizwi wayenoNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. Futhi uLizwi waba yinyama futhi wakha phakathi kwethu,” lokho yisibonakaliso esikhulu.

<sup>113</sup> O, uma leso kwakuyisibonakaliso esikhulu salolosuku, ngenkathi lowoMoya ofanayo owawukuJesu Kristu ungena eBandleni laKhe, ukubonakalisa iZwi elilotshiwe lanamuhla, lokho kuseyisibonakaliso esikhulu kakhulu.

<sup>114</sup> Ibandla lingaba nesibonakaliso soMkhandlu, bonke bahlanga ndawonye ukwenzela ukuthula mbumbulu kwezwe, nakho konke abafuna ukuba yikho. AmaBaptisti angathi, “Sithole esinye isigidi ngo ’44.” AmaMethodisti angenza noma yiluphi uhlobo lokuziqhayisa alufunayo, i-Oneness, noma amaTrinity, noma ngabe bangaba yini.

<sup>115</sup> Kodwa isibonakaliso esikhulu singukuthi, noma kunjalo, uNkulunkulu uhlala ethembekile kuleso sibonakaliso esikhulu: nguNkulunkulu kumuntu, ebonakalisa iZwi laKhe elilotshiwe. IZwi laKhe, “Lapho Yena uMoya oNgcwele esefikile phezu kwenu, Uzokwembula lezizinto, akubonise zona, futhi ngizokukhombisa izinto ezizayo.” AmaHebheru 13:8, “UJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade.” Impela.

<sup>116</sup> INzalo ka-Abrahama enkulu, Wayeyiyo, iNdodana enkulu. U-Abrahama wayenendodana eyodwa, wazala leyo ngenyama yemvelo, lowo kwakungu-Isaka. Khona-ke waba nenye iNdodana, futhi leyoNdodana yayingokukholwa, leyo kwakunguJesu; WayeyiNdodana ka-Abrahama, iNdodana kaDavide, iNdodana kaNkulunkulu. Wakubona kusengaphambili embonweni. Ukukholwa eZwini laKhe elithenjisiwe, kwabonakaliswa ekugcineni...ukukhombisa ngaphambili, ngalezizinsuku zokugcina, u-Abrahama. Sifanele sibe yiNzalo ka-Abrahama. Uma sifile kuKristu, siyiNzalo ka-Abrahama; futhi indlalifa kanye naYe, ngokwesithembiso. Manje, kungani lesisibonakaliso esikhulu sanikezwa u-Abrahama na? Ngenxa yokuthi sasiyoveza isibonakaliso esikhulu sosuku lokugcina. Sifanele siboniswe.

<sup>117</sup> UNkulunkulu wakhombisa u-Abrahama ukuphela kusukela ekuqaleni, nalokho okwakuzokwenzeka; UNkulunkulu ebonakaliswe kuMuntu, iNdodana yaKhe enokholo olukhulu. Umuntu owayengenakubhubhisa leNdodana; babengabhubhisa u-Isaka, babengabhubhisa uJakobe, nabalandela ngemva

kwabo, kodwa le Ndodana enkulu yayingenakubhujiswa. U-Abrahama, iNzalo ka-Abrahama, lokhu kukholwa, ukuthi, akusiyo inzalo yemvelo, kodwa ukukholwa u-Abrahama akwemukelayo, kungesikho ngomthetho wokusoka; kodwa ngokukholwa eZwini, iNdodana ka-Abrahama enokholo olukhulu, okwakunguJesu Kristu. Manje, wonke amanye amadodana akhe afa, kodwa le Ndodana yayingenakubulawa. Yabulawa, kodwa ayikwazanga ukuhlala ifile. Ithuna alikwazanga ukuMbamba. Unguye izolo, namuhla, naphakade.

<sup>118</sup> Qaphelani uGenesisise 22:16 kanye ne 17, phezulu entabeni lapho uNkulunkulu abonisa khona u-Abrahama ukuba ahambe, futhi wabona inqama iboshwe ngezimpondo zayo, ehlane. Qaphelani, masinyane manje. Ngemva kokuba esethathe u-Isaka futhi wambopha, owayeyindodana yakhe yemvelo, wamlalisa phezu kwe—i-altare, ukuthatha ukuphila kwakhe; wayeseqala-ke ukuthatha ukuphila kwakhe, ngokulalela kothando kuNkulunkulu. Futhi, lapho ekwenza, kwenzeka okuthile. Wezwa iPhimbo, lithi, “Abrahama, bamba isandla sakho, ngokuba ngiyazi ukuthi uyaNgithanda.” Wabe-ke esezwa i—inqama ikhala, ihukeke ngezimpondo zayo ehlane, emva kwakhe. Futhi waqamba igama leyo ndawo ngokuthi Jehova-jire.

<sup>119</sup> Qaphelani, uNkulunkulu wathi, “Nenzalo yakho,” inzalo ka-Abrahama manje, “iyonqoba amasango ezitha zalo.” Wayethatha amasango, anqobe amasango. Wakuthembisa. Manje, inzalo yakhe yemvelo yenza lokho kanye nje. Yonke inzalo ka-Abrahama yemvelo kwakungabaprofethi abeza emva kwakhe.

<sup>120</sup> Kwakukhona uMose, inzalo ka-Abrahama, futhi, ngenkathi enza, wafika esangweni, emgqeni womsebenzi. Wafika esangweni loLwandle oluBomvu, ngemva kokufundisa abantwana bakwa-Israyeli ngezwe lesethembiso uNkulunkulu ayelethembisile. Wayengumprofethi kaNkulunkulu. Wayebonakaliswe phambi kwabantu, njengomprofethi kaNkulunkulu. UNkulunkulu wadala, ngaye. UNkulunkulu wenza zonke izinhlobo zezibonakaliso nezimangaliso, ngaye. Futhi wahlala impela nje neZwi likaNkulunkulu, ngoba wamfuna uNkulunkulu, kuqala. Futhi wayesazi isikhundla sakhe. Wayazi ukuthi wazalelwa lowonyaka, ukubonakalisa iZwi likaNkulunkulu ngalesosikhathi. Kwase kuthi-ke, emgqeni womsebenzi ngqo, ukhuphuka ngokumelene nento ayengazi ukuthi enzeni, lolu kwakuluLwandle oluBomvu. Awu, kwenzekani na? Inzalo ka-Abrahama yathenjiswa ukunqoba amasango ezitha. Ngakho-ke lapho uLwandle oluBomvu luba isango ayengakwazi ukungena ngalo, uNkulunkulu waya enkundleni wase ethatha isango wase ehamba nalo, futhi uMose wadabula ulwandle emhlabathini owomileyo. Inzalo yakhe yanqoba isango.

<sup>121</sup> Abantwana bamaHeberu banqoba amasango esithandweni somlilo esasingakwazi ngisho ukubashisa.

<sup>122</sup> UDaniyeli wanqoba amasango ezitha emilonyeni wamabhubesi ayengavuleki ukuba amudle.

<sup>123</sup> USamsoni, ngesinye isikhathi wabanjwa phakathi e... Isigejane sabantu sasimbiyele edolobheni. Futhi, lapho ekwenza, wadoncula lawomasango amakhulu emadwaleni, wawatshatha emahlombe akhe wase enyukela esiqongweni segquma. Kungani kwakunguye na? Wayesesesivumelwaneni, amagoda akhe ayesalokhu esalenga kuye. Isithembiso sasisekhona, “Futhi uyonqoba amasango esitha sakhe.” Amen. Qiniso, impela.

Bonke laba bafa, amaqhawe amahle okholo. Bafa bonke.

<sup>124</sup> Bese-ke kufika enkundleni iNzalo ka-Abrahama enkulu, iNzalo yasebukhosini, enkulu, iNzalo yasebukhosini, UJesu Kristu, owayeyiNdodana ka-Abrahama yokukholwa; ukuthi wakubona ngokholo ngesithembiso sikaNkulunkulu, ukuze abusise bonke, abe nguyise wezizwe eziningi. IMbewu yakhe enkulu ifika enkundleni.

<sup>125</sup> Benzeni laba abanye na? Banqoba amasango ezingonyama, amasango omlilo, namasango olwandle, amasango omuzi. Futhi nomaphi lapho ababefika khona, babekwazi ukuwanqoba amasango ngoba babethenjiswa khona. Kodwa, lapho kufika ekufeni, bonke babefanele bafe.

<sup>126</sup> Manje nakhu kuza iNzalo yasebukhosini iqhubeka. Akagcinanga ngokunqoba amasango esitha, kodwa Wanqoba amasango okufa, isihogo, nethuna, wavuka ngosuku lwesithathu, wase evula indlela; wadabula iveli kusukela phezulu kuya phansi, futhi wenza indlela yawo wonke owesilisa noma owesifazane owayefisa ukuza kuYe, wayengeza. Wawanqoba amasango. Akagcinanga ngokwenza lokho; kepha labo abafa, bekhola, Wathumba abathunjwa, wenyukela kweliPhezulu, futhi wapha abantu izipho. Leyo yiNzalo ka-Abrahama enkulu. Leyo yiNzalo yasebukhosini, uJesu Kristu, isibonakaliso esikhulu. Khumbulani, kwakuyisibonakaliso saphakade, isibonakaliso saphakade esingaphezu kwemvelo, uJesu wayeyiso. Wavuka kwabafileyo, akukwazanga ukuMbamba. Ukufa, isihogo, noma ithuna, kwakungenakuMbamba.

<sup>127</sup> AmaHeberu 13:8, njengoba ngishilo, “Unguye izolo, namuhla, nanini,” ukukhombisa, ukukhombisa lesi sibonakaliso esikhulu kulonyaka.

<sup>128</sup> Bhekisisani, asithathe indlela ka-Abrahama, umzuzwana nje, umfanekiso wenzalo yakhe. U-Abrahama, umprofethi, bhekisisani. UNkulunkulu wayekhulume naye ngezindlela eziningi kusukela ehamba eKaledi, umuzi wase-Uri. Wayehambile. Futhi uNkulunkulu wayembonise izibonakaliso eziningi ezinkulu, wabonakala kuye, wambonisa

zonke izinhlobo zezinto ezaziyokwenzeka, wamtshela okwakuzokwenzeka. Zonke lezi zinto Ayemtshela zona. Kodwa ngaphambi kokuba amukele indodana yakhe ethenjisiwe, wayemi eduze kwamasango abeZizwe, ngenhla nje kwaseSodoma. Futhi ngaphambi kokuba amukele indodana yakhe—yakhe enkulu, noma indodana yakhe eyayizozalwa iyindodana enkulu, kusobala, ngaphambi kokuba ayemukele (hhayi Eyasebukhosini manje), kodwa, ngaphambi kokuba amemukele, wemukela isibonakaliso esikhulu.

<sup>129</sup> Kwakuyini na? UNkulunkulu wehlela kuye, esesimweni soMuntu. Qaphelani lowoMuntu owakhuluma naye, owama etendeni ayekulo futhi wenza isibonakaliso esikhulu.

<sup>130</sup> Futhi ngenkathi iNdodana yakhe enkulu ifika enkundleni, iNdodana yakhe enkulu yenza isibonakaliso esifanayo, ukukhombisa ukuthi YayiyiNzalo ka-Abrahama enkulu. Udumo!

<sup>131</sup> Futhi Wethembisa into efanayo ngezinsuku zokugcina. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? U-Abrahama, ngaphambili, ngaphambi nje kokuba kufike indodana ethenjisiwe; njengoba sibhekile manje, iNzalo ka-Abrahama, iNzalo yasebukhosini. Leyo kwakuyinzalo yemvelo; lena yiNzalo yasebukhosini. Ngenkathi imbewu yemvelo ithola isibonakaliso sabo, ba—basala. kanjalo, kuzoba njalo... lutho ngaphandle kweNzalo yasebukhosini, noma kunjalo leyonzalo yebandla iyoYala futhi. Bebehlale bekwenza. Kodwa, qaphelani, kwakuhlobo luni lwesibonakaliso na?

<sup>132</sup> Ake sibheke futhi sibone ukuthi sasiyini isibonakaliso esikhulu. Kwakukhona iNdoda eyakhuphuka, amathathu awo. Futhi niqaphelile yini, lapho—lapho u-Abrahama ebona amadoda amathathu eza, waphuma, futhi wathi, “Nkosi yami, Uzodlula ngami na? Ngena futhi uhlale phansi. Ake ngilande amanzi amancane futhi ngigeze izinyawo zaKho. Futhi uthathe ucezu lwesinkwa, bese uqhubeka nomsebenzi waKho.” Wabona abathathu beza, futhi wabiza abathathu ngo, Yedwa, “Nkosi.”

<sup>133</sup> ULoti, ibandla ngegama, ezansi—ezansi lapho eSodoma, wabona ababili beza, futhi wathi, “Makhosi ami.”

<sup>134</sup> U-Abrahama wayazi “laba abathathu bamunye.” Empeleni kwakukhona Oyedwa kuphela, wabo. Bhekisisani, ababili babo behlela eSodoma, futhi Oyedwa wahlala naye. Wathi, “Nkosi yami.” Qaphelani Lowo owahlala naye; u-Abrahama, engumfanekiso wababizelwe ngaphandle, hhayi eSodoma, okhethiweyo walelohora.

<sup>135</sup> Manje, khumbulani, abeZizwe babelungiselela ukushiswa, njengoba kunjalo nje manje. Izwe labeZizwe lizobhujiswa ngomlilo. Siyakwazi lokho.

<sup>136</sup> Manje bheka isibonakaliso esikhulu. UNkulunkulu wehla esesimweni soMuntu futhi wenza isibonakaliso, efulathele

itende, futhi wabuza ukuthi wayekuphi uSara. Futhi u-Abrahama wathi, “Usetendeni emva kwaKho.”

<sup>137</sup> Futhi Wathi, “Ngizokuvakashela ngokwesikhathi sokuphila.” Buka lowo “Ngi,” uyabo, “Ngizokuvakashela.”

<sup>138</sup> Futhi, bhekisisani, Akambizanga ngo-Abrama. Ezinsukwini ezimbalwa nje ngaphambi kwalokho, wayengu-Abrama. Kodwa uNkulunkulu waliguqula igama lakhe, eMoyeni, ekhuluma naye. Kodwa nangu uNkulunkulu esenyameni; wayesanda kudla ithole elabulawa u-Abrahama, ephuza ubisi oluphuma enkomazini, futhi edla nesinkwa. Cabanga ngakho. UMuntu, izingubo ezinothuli, izinyawo ezingcolile, amen, Nkulunkulu!

Wena uthi, “Kwakungeyena uNkulunkulu lowo.”

<sup>139</sup> U-Abrahama wathi Kwakunguye, wathi Wayengu “Elohim,” Lowo owadala izulu nomhlaba, Owanele konke, uNkulunkulu esesimweni somuntu. Amen.

<sup>140</sup> Futhi Wenza isibonakaliso ku-Abrahama, ukumazisa lokho, ukuthi izwe labeZizwe lase lisekupheleni. Futhi WayeyileyoNzalo enkulu. Wathi, “Uphi uSara na?”

Wathi, “Usetendeni emva kwaKho.”

Wathi, “Ngizokuvakashela ngokwesikhathi sokuphila.”

<sup>141</sup> Futhi uSara wenza okuthile. Wathi ukuhleka. Wathi, “Uhlekeleni uSara, ethi, ‘Lezi zinto azinakwenzeka?’” Wabona imicabango eyayisemqondweni kaSara, ethendeni emva kwaKhe. Futhi wayazi ukuthi lowo kwakunguNkulunkulu.

<sup>142</sup> Manje bukani. UJesu, ngenkathi Efika emhlabeni, WayeyileyoNzalo enkulu. Futhi, ngenkathi Efika, Wamemezela kubantu yona impela into efanayo. Ngabe kunjalo na? Manje, ngokwazi ukuthi lesisikhathi sokuphela sasiza, futhi wathi, “Izinto engizenzayo nani niyozenza, ngoba uNkulunkulu wathi ngizoninika isibonakaliso esiPhakade, sanguna phakade.” Amen. Kukhona isibonakaliso esikhulu.

<sup>143</sup> Bhokani umkhondo wesonto. Kwenyuka ngoLuther, uWesley, amaPentecostal, amahlelo. Sibe nezambulo nazo zonke ezinye izinhlobo zezinto. Sibe nokukhuluma ngezilimi. Sibe nezipho zokuphulukisa. Sinakho konke okubonakalisiwe.

<sup>144</sup> Kodwa, bukani, khona ngqo ngesikhathi sokuphela, ngaphambi kokushiswa nokuchithwa, isibonakaliso esikhulu sibonakala ngokuyimfihlakalo, khona kanye enkundleni naphambi kwethu, amen, uNkulunkulu qobo lwaKhe. Hhayi umuntu, kodwa uNkulunkulu ebonakalisiwe; isibonakaliso esikhulu, isibonakaliso saphakade, isibonakaliso saPhakade, isibonakaliso esikhulu, UNkulunkulu ebonakalisiwe enyameni! Isibonakaliso esifanayo esenziwa yiNdodana yaKhe, iNdodana yaKhe enkulu yathembisa okufanayo ekugcineni, “Njengoba kwakunjalo emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekuFikeni kweNdodana yomuntu.” Isibonakaliso esikhulu sizobuya.

<sup>145</sup> Sibe nazo zonke lezi ezinye izinto, indlela yeNzalo ka-Abrahama yobukhosi iqhamuke ngayo leyo ndlela efanayo u-Abrahama afika ngayo.

<sup>146</sup> Kodwa ngaphambi nje kokubhujiswa komhlaba, isibonakaliso esikhulu sifanele sivele futhi, iPhakade, isibonakaliso sokuvuka kwanguna phakade lokho kufakazela ukuthi iNzalo yobukhosi yayingenakubulawa njengoDanyeli nanjengabo bonke abaprofethi. Ithuna alikwazanga ukuMbamba. Ngoba Yena... Abanye banqoba amasango esitha, njengomlilo, nengonyama, ne—nenkemba, kanjalonjalo. Bakunqobile lokho. Kodwa leNzalo yasebukhosini yanqoba ukufa, isihogo, nethuna. Akukho okwakungaYibamba. Ngani na? Iyisibonakaliso esikhulu sanguna phakade! Siyini isibonakaliso esikhulu na? Ukuvuka kukaJesu Kristu, ngemva kokufa iminyaka eyizinkulungwane ezimbili, usalokhu emi phakathi kwethu, ngokufanayo njengoba Enza ngaleyonkathi, Ezibonakalisa eBandleni laKhe, enyameni yomuntu. Unguye izolo, namuhla, naphakade. Amen.

<sup>147</sup> “Intombi iyokhulelwa. Futhi kusukela ngaleso sikhathi, uNkulunkulu nomuntu bayoba munye, behlanganiswe ndawonye,” esingunaphakade, isibonakaliso saPhakade, isibonakaliso esikhulu.

Uyaphila, Uyaphila, UKristu Jesu uyaphila  
namuhla!

Ungangibuza ukuthi ngazi kanjani ukuthi  
Uyaphila na? Uphila ngaphakathi  
kwenhliziyo yami.

<sup>148</sup> NgiyaMbona phakathi kwethu. Yonke iNzalo yaKhe ekhethiweyo izokubona. Yebo, mnumzane.

<sup>149</sup> Abakhethiweyo osukwini lwaKhe bakubona. Abamiselwe ngaphambili bafanele ukukubona. Phakathi kokungakholwa, babesakukholwa. Bahlala phakathi kwabangakholwayo futhi basakuvuma esidlangalaleni, “Ya, Wena uyiNdodana kaNkulunkulu, iNkosi ka-Israyeli.” O, he!

<sup>150</sup> Khona phakathi kwezinkulungwane zabangakholwayo, indoda eyodwa, egama linguSimoni Petru, yaphuma. Futhi Wathi, “Igama lakho unguSimoni, futhi uyindodana kaJosefa.” Kwakuyini lokho na? Leso sibonakaliso esikhulu. Kwakukhona umProfethi emi lapho, kwakukhona isibonakaliso esikhulu, noSimoni Petru wakwamukela kungakhathaleki ukuthi noma ubani wathini. Isiqhwaga esikhulu esidala siba iwundlu elimnene phambi kukaNkulunkulu.

<sup>151</sup> Qaphelani, kwakukhona uNathanayeli, umfundisi, isifundiswa ngempela, owakholwa nguNkulunkulu. Futhi uFiliphu wawela, wase embuyisa esuka emzini wakubo—wakubo, wamwelisa. Lapho efika lapho uJesu ayemi khona,

uJesu wathi, “Bheka umIsrayeli impela, okungekho nkohliso kuye.”

<sup>152</sup> Wathi, “Rabi, Ungaze nini na? Kuyamangaza lokhu. Ngike ngezwa okhokho kakhokho kakhokho kakhokho bekhuluma ngo*S'bani-bani* no*S'bani-bani*, emuva le. Angikaze ngizwe ngakho kowami . . . Wena ungaze kanjani na?”

<sup>153</sup> UJesu wathi, “Ngaphambi kokuba uFiliphu akubize, ngenkathi wawungaphansi komuntu, Ngakubona.” Isibonakaliso esikhulu! Amen. Abapristi norabi baqedwa. Kwakukhona isibonakaliso esikhulu sikaNkulunkulu saPhakade. Yebo.

<sup>154</sup> Kwasweleka ukuba adlule ngaseSamariya. Khumbula, kunezinhlanga ezintathu zabantu; bakaHamu, uShemu, noJafete. Wadlula ngakumaSamariya. Nakho kuphuma owesifazane omncane, emthonjeni, ukuyokha amanzi. UJesu, kwathi Esekhuluma naye, wathi, “Ngiphuzise.”

<sup>155</sup> Wathi, “Awunalutho ongakha ngalo,” njalonjalo. Futhi ingxoxo yaqhubeka. Bakhuluma ngenkinga yobuhlanga, nokunye nokunye.

<sup>156</sup> Emva kwesikhashana, Wathi kuye, “Hamba uyolanda umyeni wakho uze lapha.”

<sup>157</sup> Manje wathi, (“leNdoda izama ukungihlakaniphela,”) niyabo, “Anginayo indoda.”

<sup>158</sup> Wathi, “Ukhulume iqiniso. Usube nayisihlanu, nale ohlala nayo manje akuyona indoda yakho.” Isibonakaliso esikhulu!

<sup>159</sup> Mlaleleni, “Nkosi, ngiyabona ukuthi Wena ungumProfethi,” isibonakaliso esikhulu, ukubonakaliswa kweZwi lalolosuku. Bhekisisani. “Wena ungumProfethi, kodwa angiboni eBhayibhelini lapho noma yimuphi umprofethi okufanele abe khona ngalesisikhathi. Kodwa sibheke uMesiya, futhi, lapho Efika, Uyobonakalisa iZwi likaNkulunkulu elithenjisiwe. Lowo kuzoba nguYe.”

<sup>160</sup> Lowo wesifazane omncane ompofu wayazi okuningi ngoNkulunkulu kunengxenye yabashumayeli bosuku, kuleyondawo yokuhlala. Ngani na? Wamiselwa ngaphambili kukho. Ngenkathi lokho kuKhanya kuyishaya, leyombewu yaPhila. Awukwazi ukukufihla. Qhabo.

<sup>161</sup> Buka uNathanayeli, wayengenandaba—wayengenandaba nokuthi ubani omi lapho. Wama phambi kompristi wakhe nabo bonke, wathi, “Rabi, Wena uyiNdodana kaNkulunkulu. Wena uyiNkosi yakwa-Israyeli ebesiyibhekile.” Wabona isibonakaliso esikhulu.

<sup>162</sup> Lona wesifazane omncane, phakathi kwayo yonke inkathazo ayekuyo, wagijima wehla edabula emzini, futhi wathi, “Wozani nibone uMuntu ongitshele engikwenzile. Ingabe lo akuyena yena

kanye uMesiya na? Akukhona yini lokho esikubhekile na?" Isibonakaliso esikhulu!

<sup>163</sup> Manje, khumbulani, abeZizwe abakaze bakuthole ngaleyonkathi, kodwa babefanele bakwemukele, ngoba uNkulunkulu angeke akuguqule ukuqhubeka kwaKhe. Wayemele. Khumbulani, Wakwethembisa. Wathi Uyokwenza. Wethembisa ukuthi Uyokwenza. Futhi ngezinsuku zokugcina, Uyokwenza. UJesu washo njalo, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Siyethenjiswa, ngezinsuku zokugcina, ngokukaMalaki 4, ukuthi omunye uzovuka ngezinsuku zokugcina ozozama ukubuyisa, futhi anyakazise emuva konke ukubanda nawo wonke amasiko abo, nezinto, "futhi abuyisele ukuKholwa kwabantu kubuyele kobaba abangabaphostoli futhi, eZwini lasekuqaleni." Yebo.

Wena uthi, "Lowo kwaku—lowo kwakungu-Eliya kuJohane." O, qhabo, akunjalo.

<sup>164</sup> U-Eliya ngesikhathi sikaJohane kwakunguMalaki 3, "Ngiyathuma isithunywa saMi phambi kobuso baMi."

<sup>165</sup> Ngoba, masinya emva kokuphuma kwalesisiprofetho, umhlaba wonke washa. Iminyaka eyizinkulungwane ezimbili isidlulile, futhi umhlaba awuzange ushiswe. "Abalungileyo baphuma othulini lo—lomlotha wababi."

<sup>166</sup> Mfowethu, dadewethu, siphila ezinsukwini zamamakethe amakhulu, ama-jethi amakhulu, othelwayeka abakhulu, imijaho emikhulu, konke okunye okukhulu. Futhi kukhona isibonakaliso esikhulu! Sibe nesibonakaliso senkolo. Sibe nesibonakaliso sezimvuselelo. Sibe nesibonakaliso sokuhlangana. Sibe nesibonakaliso sokukhuluma ngezilimi. Sibe nesibonakaliso sokuphulukisa abagulayo. Sibe nazo zonke lezi zibonakaliso.

<sup>167</sup> Kodwa, nokho, siyathola eBhayibhelini ukuthi, isibonakaliso sokugcina ngaphambi kokuba iNdodana ethenjisiwe ifike, kwakuyisibonakaliso esikhulu kakhulu. UJesu wathi, "Njengoba kwakunjalo ngaleso sikhathi; ngaphambi kokuba iNdodana ethenjisiwe iphinde ifike, leso sibonakaliso esikhulu siyofika emhlabeni futhi." Ngiyamemezela kini, kulobubusuku, eGameni likaJesu Kristu, sisemhlabeni manje. Hhayi lokho kuphela, kodwa sikhona lapha phakathi kwethu kulobubusuku. UMoya oNgewe, isibonakaliso sikaNkulunkulu esikhulu, uJesu Kristu ovusiweyo, Singeke sehluleke. Siyisibonakaliso saPhakade. Asisoze saguqulwa. "Kodlula amazulu nomhlaba, kodwa Lokho akusoze kwashintsha." SingesiPhakade, isibonakaliso sangunaphakade, uNkulunkulu ebonakaliswe enyameni yomuntu. UNkulunkulu uzazise Yena uqobo enyameni yomuntu.

<sup>168</sup> Niyakukholwa lokho ukuthi kuyiQiniso na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngenhliziyo yakho yonke, uyakukholwa

na? [“Amen.”] Ungazivaleli njengofudu egobolondweni. Uma kukhona ufudu kuwe, khipha igobolondo. Vumela uMoya oNgcwele ungene. Ungazivali kwesinye isivumokholo noma ihlelo. Mfowethu, dadewethu, ihora selifikile. Ngikholwa ukuthi uNkulunkulu wenze okuningi njengoba Ezokwenza. Okulandelayo yisenzo sebandla noma sizolahleka.

<sup>169</sup> Ngicela nje noma ubani ukuthi aphikise lokho ukuthi kunjalo. Ngikubuzile ngapha nangapha emhlabeni, futhi akukho nesisodwa isikhathi lapho wonke umuntu, noma ubani oke wakuzama. Bazi kangcono. Bazi kangcono, ngoba yiZwi, noNkulunkulu uyafakazisa ukuthi KuyiZwi laKhe. Khonake kungani ungakwamukeli na? Amen. Uma kuyisikhathi, ungakucimi isikhathi eside kakhulu.

<sup>170</sup> Abantu abaningi babefuna ukwamukela uJesu. Babecabanga ukuthi bayokwenza, “ngesinye isikhathi esikahle,” omunye wathi. Bafuna ukwamukela uKristu, kodwa bakuhlehliisa isikhathi eside kakhulu. Abanye babo bazama ukuMsusa ezandleni zabo, futhi bazama ukukugeza ngamanzi, badlulisela imali komunye umuntu, kodwa kwabuyela.

<sup>171</sup> Kusezandleni zakho, kulobubusuku, kuphonswe emuva emathangeni akho ngqo! AmaHeberu 13:8, kungakhathaleki ukuthi mingaki uMkhandlu wamaBandla esinawo, kusalokhu kungu “Jesu Kristu onguye izolo, namuhla, naphakade.” “Imisebenzi eNgiyenzayo!” Uma—uma ukuPhila kwaKhe kukuwe, kuzobonakalisa uJesu Kristu. Amen.

<sup>172</sup> Manje nonke anikwazi ukuba yilowo, kodwa ningaba yingxeny yalokho, ngokukholwa kwenu.

<sup>173</sup> Bonke babengeke babe nguJesu, ngenkathi babesemhlabeni, kodwa babengaMkholwa futhi bemukele umlayezo. Kwakukhona uMose oyedwa, u-Eliya oyedwa, uNowa oyedwa, kwehle njalo, bekuhlala kuyilokho, kodwa bonke abanye babengakwemukela. Futhi babengeke babenayo inkonzo ngaphandle uma kwakube khona umuntu okukholwayo. UJesu wayengeke abe nayo inkonzo ngaphandle kokuba othile ayikholwe. UPawulu wayengeke abe nenkonzo ngaphandle uma kukhona owayikholwa.

<sup>174</sup> UMoya oNgcwele awunankonzo ngeZwi, namuhla, ngaphandle uma omunye ezimisele ukusuka esivumweni sokholo sabo futhi abuyele eZwini futhi, kungakhathaleki ukuthi kuhle kangakanani lapha nokuthi kuyiqiniso kangakanani lapha. Kulapha manje. Ngiyazi ukuthi kulapha. Ngiyakuzwa. Ngiyazi ukuthi kulapha. IZwi lithi kulapha. “Nomaphi lapho ababili noma abathathu bebuthene khona eGameni laMi, ngiphakathi kwabo.” Futhi ngikholwa ngokweqiniso ukuthi Ulapha, “onguye izolo, namuhla, naphakade.”

<sup>175</sup> O, ukuba bengingathola lelitabernakele elincane... Ngiyakuthanda. Futhi angikholwa ukuthi kukhona indoda

emhlabeni engingathi ngangiyithanda kangcono kunoJack Moore, futhi, kunjalo, uYoung Brown, noLyle, nalamadoda lapha. Ngifunde isihloko namuhla, ukuthi u-Anna Jean wabhala, bengizomcela imvume yokuphinda ngiyiphrinte futhi, ngezinto ezinhle abangazisho. Futhi—futhi, bukani, kodwa uma ungavuki, ngokushesha, kuzobe sekuleyithi kakhulu. ILife Tabernacle, ngiyingxenye yenu, futhi yingalesosizathu ngikhala kakhulu. Unyaka nonyaka, ngikuthola kuphola. Ungahle ungakuqapheli, uhlala kukho ngqo, kodwa hlala enkundleni bese ubuya nezinkumbulo zangonyaka odlule. Anginitshelanga yini lokho phandle lapho kulelotende elincane, ngobunye ubusuku, “Kusukela kulelihora kuqhubeke”? Ngathini ngeShreveport ngenkathi lowo wesifazane enginika lokho kubhala okungcolile ngaleso sikhathi na?

<sup>176</sup> Khumbulani lokho engakusho ngaleso sikhathi nge-United States, eminyakeni emithathu noma emine edlule, emihlanu, kwase-ke kubhalwa kuwo onke amaphepha na? Ngathi, “Kulo nyaka i-United States izolamukela iVangeli noma ayisoze yakwenza.” Banqabile kusukela ngaleso sikhathi. Futhi akusoze kwaba khona i—imvuselelo enkulu eMelika enye enjalo. Uma ungikholwa ukuthi ngingumprofethi, khumbulani lelo yiZwi leNkosi. Bheka nje futhi ubone ukuthi ayifi yini. Amabandla ayafa. Ayabuna. Futhi kuyangibulala, ngaphakathi kimi, ukwazi ukuthi, abesilisa nabesifazane engibathanda kangcono kunokuthanda impilo yami uqobo, ukuthi nginikele ngempilo yami.

<sup>177</sup> Ngize phakathi kwenu njengomfowenu, hhayi uNkulunkulu wenu, umfowenu; hhayi isitha senu, umfowenu! Nginitshale iQiniso, noNkulunkulu umemezele okufanayo. Ngalolonke iZwi engilishumaye, ULimemezele ukuthi, liyiQiniso impela. Manje-ke kungani ungaLemukeli, mfowethu, dadewethu na? Othandweni lukaJesu Kristu, kungani ningaLemukeli na? Uma nje uzokholwa Lokho ukuthi kuyiQiniso, nje kwemukele ukuthi KuyiQiniso, yilokho kuphela engikucela ukuba ukwenze.

<sup>178</sup> Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje. Ngizoma lapho kulawo manothi khona lapho. Ngithe bengizokwenza ukubizela e-altare, futhi ngivumele uBilly Paul akhiphe amakhadi omkhuleko. Besingenawo amakhadi omkhuleko, kulobubusuku, bese kuleyithi kakhulu ukuwakhapha. Ngi—ngikhothlwe isethembiso sami. Ngizoba naye lapha kusasa ebusuku, cishe ngesithupha nqo. Asiwadingi amakhadi omkhuleko, empeleni. Bengihlala njalo ngizama ukunisusa kulelosiko, njalo lokubeka izandla njengoba kwenza amaJuda. UJayiru wathi, “Woza ubeke izandla zaKho phezu kwendodakazi yami futhi izophila.” UmRoma wathi, “Khuluma nje izwi,” leyo kwakuyindlela yabeZizwe yokukholwa.

<sup>179</sup> Uma nginitshale iQiniso, manje lalalani lenselele; uma nginitshale iQiniso, khona-ke ngifanele ngime lapha kulomsamo

phambi kwenu futhi nginitshele lokhu. Futhi kusizani ukunitshela, uma uNkulunkulu engekho kukho na? Futhi uma kuliQiniso likaNkulunkulu, U—Ubophezelekile ukuKusekela. Ufanele aKusekele. Wethembisa ukuthi Uyokwenza.

<sup>180</sup> Kodwa ngabe si—sizohlala sibe ndikindiki kanjalo na? Ingabe uMoya... Ingabe i“Ikabodi” iseLife Tabernakele na? Ngabe lokho kulotshiwe etabernakele lonke na? Ngabe lokho kulotshiwe emabandleni wonke ebengiwavakashela esizweni sonke na? Ngabe kumnyama kakhulu futhi kuminyene manje ukuthi lowo “oyedwa *lapha* nomunye *lapho*; oyedwa ensimini, ‘Ngizothatha oyedwa,’ futhi mhlawumbe oyedwa ngale ngaphesheya kolunye uhlangothi lwezwe, futhi, ‘ngizothatha oyedwa’”? “Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa lapho imiphefumulo eyisishiyagalombili yasindiswa ngamanzi, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana,” ingabe sesifikile kuleyondawo na?

<sup>181</sup> Ingabe inkonzo kaJesu Kristu, kulolusuku, ifanisile usuku ukuthi Wayelapha ngenkathi Eshumayela kuqala na? Ngenkathi EsengumProfethi waseGalile osemncane, wonke umuntu wayeMfuni ebandleni labo, ngenkathi Ephulukisa abagulayo, nakho konke. Kodwa ngenkathi Eyoprofetha futhi ebasola, futhi ebabiza nge “sigejane sezinyoka,” khona lapho Waqala ukwehla, futhi ekugcineni waholelwa ekubethelweni kwaKhe, ekubulaweni.

<sup>182</sup> Kodwa, khumbulani, Wayenenye inkonzo, Washumayela kwabalahlekile Phakade nabalahlweyo, abangazange baphenduke ngezinsuku lapho babenethuba lokuphenduka. Ingabe leyonkonzo izobuya kanjalo, ukuthi inkonzo izoqhubeka iye kubantu abalahlekile nabalahlweyo, lapho okungekho khona umusa ukuba utholelwe bona na? Cabanga ngakho, kuthiwani uma bekungenzeka...

<sup>183</sup> Wena uthi, “Ingabe kunjalo, Mfowethu Branham na?” Angazi. Kungase kube leyothi kunokuba sicabanga.

<sup>184</sup> Uma ubona isithunzi sanoma yini, uyazi ukuthi kuyoba yini uma kuba isithombe ngqo. Ubuphakamise izandla zakho, futhi ubona iminwe emine, iminwe emihlanu, noma ngabe isandla sakho sizoba yini uma inegethivu yenziwe isithombe ngqo, yilokho esiyikho ethunzini.

<sup>185</sup> Kholwani, bangane. O, uNkulunkulu anisize! He, kangaki... Ningithengele amasudi ezingubo. Nginazo, phandle ngaleya manje, izipho, amabhokisi oswidi, amabhakede esiraphu. Nize nanika, umndeneni wami—wami, amathawula; abantwana bami, ezingubo. Ningondlile. Nenze konke ebeningakwenza. Futhi manje ake nginenzele okuthile. Makuthi—makuthi—makuthi sivumele...

<sup>186</sup> O, ukuba uNkulunkulu ubengafohla nje, ngandlela thize, khona manje! Kuwena esitezi esiphezulu, esitezi esiphansi,

noma ngabe ukuphi, kuvulandi osesitezi, uma uNkulunkulu engakusekeli engikushoyo, khona-ke ngiqambe amanga. Kodwa uma Ekusekela! Ngiyazi ukuthi nibone ukulingisa okuningi kwenyama, kodwa lokho bekufanele kwenze into yangempela ikhanye kangcono kini. Yibani nokukholwa, futhi nikholwe.

<sup>187</sup> Kusobala, alikho ikhadi lomkhuleko esakhiweni. Uma likhona, phakamisa isandla sakho, noma ngubani onekhadi lomkhuleko kulomhlangano. Niyabo, akukho noyedwa. Kodwa kukhona abantu abagulayo abahlezi lapha. Futhi uma uMoya oNgeweze, khona lapha kulomsamo, uzokwembula futhi udlule kulezizethameli futhi uzungeze ngapha kini bantu. . .

<sup>188</sup> Bhekisisani ukuthi iBhayibheli lathini. Siyini isibonakaliso esikhulu na? Ingabe iZwi libonakaliswa kuyo yonke iminyaka. Ngabe kunjalo na? Awu, kungani bengamkholwanga uJesu na? Ngenkathi, amaHeberu 4 asho lokho, “IZwi likaNkulunkulu liyashesha, linamandla kakhulu kunenkemba esika nhlangothi zombili, lisika lahlukane.” Lokho kulapho Lishunyayelwa ngamandla aLo, Lisika kwesokudla nesobunxele, nhlangothi zombili, lisika nhlangothi zombili. Kuyini na? “Lisika lize liyofika emnkantsheni wethambo.” Futhi yini enye eliyenzayo na? “Lahluke imicabango esenhliziyweni.”

<sup>189</sup> UJesu emi lapho, nesiprofetho saKhe esisika labobantu benkolo babe yizicucu, futhi wababiza nge “sigejane samademoni,” phezu kwabantu; futhi wakhala ecela ukuthethelelwa lapho baMbethela.

<sup>190</sup> Njengoba uMfowethu Jack ake asho, waphawula, “Abantwana baKhe uQobo bekhalela iGazi laKhe.” Kunjalo.

<sup>191</sup> Wayezama ukubasindisa esihogweni sikadeveli. Futhi ngenkathi bebona lokho kubona okufihlakeleyo kuqhubeka, kungani bengazanga, bazi ukuthi leso kwakuyisibonakaliso esikhulu sikaNkulunkulu na? Isizathu esifanayo sokuthi ibandla alikwazi namuhla. Kodwa noma yikuphi lapho lokho kuKhanya kugadla kuleyonzalo eyamisela ngaphambili, kuyofika ekuPhileni. Yebo, ngempela, awukwazi ukukugcina.

<sup>192</sup> Okuphathelene nelanga phezu lapho, i-l-a-n-g-a, linokulawula yonke impilo yezitshalo. Lapho imbewu ilele lapho nalelolangi liyishaya, izophila. Yebo, mnumzane.

<sup>193</sup> Futhi iN-d-o-d-a-n-a kaNkulunkulu ingumlawuli wakho konke ukuPhila okuPhakade. Futhi uma unembewu yokuPhila kuwe, mfowethu, ngenkathi leyo N-d-o-d-a-n-a ishaya lapho futhi ikukhombisa ukuthi iyini, iyaPhila. Ayikho indlela yokukuvimba kukho.

<sup>194</sup> Uyakholwa manje. Kholwa kuphela. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu ngenkathi sikhuleka ngokuzithoba.

<sup>195</sup> Baba waseZulwini, lapha kulele phambi kwami lapha isigejane sezindwangu, amaduku. O Nkulunkulu, wonke

umuntu uyaKukholwa njengomphulukisi. Impela. Bonke abantu beVangeli eligcwele baKukholwa ngaleyondlela. Ungumphulukisi, futhi Unomusa kakhulu nomusa kubo. Khona ngqo emahoreni okubethelwa kwaKho, Waqhubeka nokuphulukisa, wabuyisela i—indlebe yenduna yekhulu yaseRoma futhi, ukuthi uSimoni wayinquma ngenkemba yakhe. Isitha esiza ukuzolanda Wena, Ubusenomusa nesihawu ukusiphilisa. Namanje wenza into efanayo.

<sup>196</sup> Kodwa, Nkosi, angavuleka amehlo abantu futhi abone lokho esizama ukubatshela khona, ukuthi yi—yisikhathi sokuphela! Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ngiyakhuleka eGameni likaJesu, makwenzeke kulobubusuku, Nkosi. ILife Tabernakele mayithathe igama layo kulobubusuku, ukuPhila, ukuPhila okuPhakade. Iqembu lonke elingaphansi kwamabhanela alo lapha kulobubusuku, kwangathi ukuPhila kungafika, ngokuchichimayo.

<sup>197</sup> Emva kokuba iZwi selendlalwe lapha, licace nje njengoba Lingabanjalo, isithembiso sosuku, WaLithembisa ngalolusuku. Siyakwazi lokho, Nkosi.

<sup>198</sup> Futhi singabantwana baka-Abrahama, senyukile, sehla sadlula njengoba kwenza u-Abrahama. Ekuweleni; umsebenzi. Ukuza ezweni elingaziwa; sikwenzile lokho, sibe nemibono nezambulo, nakho konke, kukaNkulunkulu. Ukuthi Ukhulume kanjani nathi futhi wasiphilisa, futhi wenza izinto ezifanayo Azenza ku-Abrahama! Kodwa ngalesosikhathi sokuphela, ngaphambi nje kweNdodana ethenjisiweyo, khona-ke uNkulunkulu wakhombisa ukuthi isikhathi sokuphela siyoba yini, ngesibonakaliso esikhulu.

<sup>199</sup> Bese kuthi-ke iMbewu enkulu, uJesu Kristu, iNzalo yokukholwa, yehla futhi yenza leyonto efanayo ekupheleni kwamaJuda, njengoba benza lapho kulokho kuphela.

<sup>200</sup> Futhi manje ekupheleni kwazo zonke izinto, Wethembisa ukubuya futhi. “Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, nasemihleni yaseSodoma.” “Imisebenzi eNgiyenzayo, nani niyakuyenza.” Uma ukuPhila kwaKhe kukithi, KuyaMbonakalisa. Kubonisa umakhi, umenzi womkhiqizo; umsebenzi wakhe njalo uyambonisa, yena uqobo. Futhi uNkulunkulu wabonakaliswa kuKristu, “Uma ningenakuNgikholwa, kholwani yimisebenzi.”

<sup>201</sup> Futhi manje ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzophulukisa ngamunye walaba engibakhulekela ngobuqotho. Baphilise, Nkosi. Siphe khona.

<sup>202</sup> Futhi manje, Baba waseZulwini othandekayo, ngimi lapha. Ngayaqaphela a—angeke ngibe lapha isikhathi eside kakhulu, futhi ngibona impilo yami yemvelo ifiphala. Siza, kulobubusuku, Nkosi, lesi sikhathi esisodwa. Kanye futhi, Nkosi, siphe ukuthi—ukuthi abantu bazokhohlwa okwedlule

manje, bese becindezela bebheke emgomeni wobizo lwaphezulu. Siphe khona, Nkosi.

<sup>203</sup> NgizoKucela ukuba wenze into ethile ezoba yinto enzima, Baba. Ngiyabona lokho. Kodwa ngizoKucela ukuba uvumele uJesu angene kithi. Futhi, Baba, ukungigcoba nje, bekungeke kwenze okuningi okuhle kulelibandla ngaphandle uma Ubagcoba, futhi. Si—simunye, ndawonye. Futhi bagcobe ngokukholwa, lowo muntu othile lapha... Impela kukhona umuntu othile onokukholwa okwanele ukwenza lokho, njengalowo wesifazane owathinta ingubo yaKhe. “Futhi UngumPristi oMkhulu khona manje ongathintwa ngokuzwelana nobuthakathaka bethu,” ukukhombisa ukuthi Useyiso leso sibonakaliso esikhulu, uNkulunkulu kumuntu, UNkulunkulu esebenza ngomuntu, abangafundile kanye nalabo abayozikhohlwa bona uqobo, futhi nje makuthi uMoya usebenze ngabo. Kukhona abesifazane abancane abahlezi phakathi lapha, ohluphekayo, mhlawumbe, ngento efanayo nalowo wesifazane ayenayo. Kukhona oSimoni abahlezi phakathi lapha, kulobubusuku, Nkosi, i—amadodana kaJonase, njengoba kwakunjalo. Bahlezi lapha. Siza manje, Nkosi, ukuze abantu bazi.

<sup>204</sup> Futhi uphendule umkhuleko wami njengoba ngi... Hhayi ngedlingozi; Ngiyazi ukuthi ngingonozwelo, kodwa ngiyikho konke... Ngiphazamisekile, Nkosi, njengoba ngibona izinto zihamba ngendlela ezenza ngayo. Ku—kuyangikhandla lokho... Abantu mababuyele eZwini, futhi bakhohlwe zonke lezi zinto ezinhle kakhulu zehora, imibono ethandwa ngabantu yomhlaba; woza ubuyele eZwini, iZwi elibonakaliswe ehoreni manje esiphila kulo. Siphe khona, Nkosi.

<sup>205</sup> Futhi sisakhothamise amakhanda ethu, ngifuna ngamunye wenu akhuleke, kalula nje—nje. Ningakwenzi... Gcinani nje amakhanda enu ekhotheme futhi nilokhu nikhuleka, nithi, “Nkosi, ngisize manje.”

<sup>206</sup> Futhi ube nokuthile engqondweni yakho ofuna ukukukhulekela. Futhi uma iNkosi uJesu isaphila, khona-ke impela, bangane, lokho kungaba isibonakaliso esikhulu. Futhi abanye abantu bathe, “O, akukho kungabaza lokho kungenziwa, uMfowethu Branham unesiphiwo esikhulu seNkosi. Futhi ngiyakholwa, uma engaphansi kogcobo, ungumprofethi weNkosi, kodwa ningakulaleli ukuFundisa kwakhe.” Manje noma ubani ongenza lokho, angasho lokho, futhi ufanele abe yisifundiswa na? Kanti, leso yiso impela isibonakaliso sokuthi iMfundiso iqinisile, ngokweBhayibheli.

<sup>207</sup> Futhi uma uyisoni, ichibi lilindile lapho. Uma ungakaze ubhaphathizwe eGameni leNkosi yethu uJesu Kristu, kukho ukuthethelelwa kwezono zakho, ichibi lilindile. Uma ungakawemukeli uMoya oNgcwele okwamanje, ufanele ube

naleso sibonakaliso soPhawu kuwe noma ungeke udlule eSangweni. Ufanele ube ukuPhila kukaKristu kuwe.

208 Manje khuleka futhi ucele uNkulunkulu ukuba akusize, sisakhuleka manje. Nodade e—izinsimbi lapho, “Kholwa Kuphela.”

209 Cabanga nje, owehla entabeni kuza uJesu. Emqondweni wakho wokucabangela nje, Mbone eza ehamba emnyango, futhi ehla lapha futhi ame epulpiti lapha, futhi ethi, “Bantwana.” Kucabangeni nje engqondweni yenu manje.

210 Futhi wonke umuntu makahloniphe ngokuzithoba ngempela, futhi nithule ngempela futhi nikhuleke. Yonke indawo, qhubeka ukhuleka nje, uthi, “Nkosi Jesu, yiba nomusa kimi. Nkosi, ngiyakholwa.”

211 Baba Nkulunkulu, bathule manje. Lomzuzu onesizotha, ngikholwa ukuthi Wena ulapha. Ngiyakukholwa lokho, leyoNsika yoMlilo enkulu eyahola u-Israyeli ehlane, eyabonakaliswa enyameni. Wathi Wayekhona. “Ngaphambi kokuba u-Abraham a be khona, NGIKHONA. Ngivela kuNkulunkulu, futhi ngiya kuNkulunkulu.”

212 Emva kokufa kwaKhe, ukumbelwa, ukuvuka, kanye nokwenyuka; uPawulu wahlangana naYe endleleni, ehlela eDamaseku. UkuKhanya okukhulu kwamshaya wawa. LowomHeberu wayengeke neze aMbize nge “Nkosi” uma wayengazi ukuthi leyo kwakuyileyoNsika yoMlilo efanayo. “Ungubani Wena, Nkosi na?”

Wathi, “NginguJesu.”

213 Futhi nakhu la Ukhona kulobubusuku, ukanye nathi, ukuPhila okufanayo kithi. NgiyaKubonga ngaKho, Baba. Manje makwazeke ukuthi ngikhulume iQiniso. Futhi khona . . . Leyo ntombi ekhulelwe, ukuhlanganisa umuntu noNkulunkulu, yisibonakaliso esifanayo esiphakathi kwethu kulobubusuku ekupheleni konyaka, isibonakaliso esikhulu. Makube kanye futhi, Baba. Ngiyakhuleka ngeGama likaJesu Kristu.

Manje ehubekani nikhuleka nje.

214 Manje ngithatha wonke umoya ophakathi lapha ngaphansi kokulawula kwami, eGameni likaJesu Kristu. Manje uma nifuna ukukhuleka, qhubekani nikhuleke; uma nifuna ukubheka phezulu, yenzani noma yini oniyifisayo manje. Qhubekani nibambe ubufakazi benu. Qhubekani nibambe ukukholwa kwenu, uma nikhuleka.

215 Ngiyabona, ngaphandle phambi kwami manje, kulendawo emaphakathi phakathi nezihlalo lapha, inenekazi elincane, owesifazane, ehlezi emuva khona lapha, lowo nje ophakamisa ikhanda lakhe; kulendawo ephakathi phakathi nezihlalo, emuva le ngasemuva. Uhlushwa inkathazo yeqolo. Yebo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzoliphulukisa iqolo lakho na? Uyakholwa

na? Kulungile. Yilokho obukukhulekela. Ngabe kunjalo na? Phakamisa isandla sakho. Nobabili niphulukisiwe. Inenekazi eliseduze ngqo kwakhe belinenkathazo yeqolo, nalo, ngoba liphakamise isandla salo. Ngikubonile kuvela kuyena kuya kulo. Manje, angikwazi, ngiyakwazi, noyedwa wenu na? Kodwa yilokho obekuninisile. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho.

Manje ingabe lokho isibonakaliso esikhulu na?

<sup>216</sup> Lapha, ngokuqondile ngqo emuva *kulesi* sikhala esiphakathi nezihlalo, kweyami. . . *lolu* hlangothi emuva ngqo ngasemuva, kukhona owesifazane omncane ongakwazi ukugwinya, neze. Kukhona okungalungile ngokwakhe—ngokwakhe—ukugwinya kwakhe. Akakwazi neze ukugwinya. Kodwa uyakholwa. Uvela ngaphandle kwedolobha. Uzokholwa, dade, ukuthi uzoba ngukuthi uyakwazi ukugwinya na? Uzokwemukela ukuphulukiswa kwakho na? Phakamisa isandla sakho uma uzo. . . Kulungile, manje ungaphulukiswa. Manje, uma lokho, uma ngiyisihambi kuwe, vayizelisa isandla sakho *kanjalo*. Kunjalo, niyabo. Kodwa, yilokho, ubehlezi lapho khona lapho ezama ukugwinya. Manje, gwinya manje futhi ungakwazi ukugwinya kahle. Bona ukuthi lokho kulungile yini.

<sup>217</sup> Uyakholwa ukuthi iNgelosi yeNkosi ilapha na? Uyakholwa lokho, isibonakaliso esikhulu na? Labobantu, konke le esakhiweni. Umuntu othize phezulu lapha, eduze. Ngizofulathela, ukunazisa nje, kuwo wonke umfanekiso, ukuthi YiNkosi uJesu. Ngizofulathela. Futhi omunye akhuleke, akholwe. Uma ucabanga ukuthi ngiyakubuka, ukuthi ukufunda ingqondo yakho, noma okuthize, kholwa nje. Uma Wayekwazi ukusho ukuthi uSara wayekhuleka ngani, noma ukuthi wayenzani ethendeni emva kwaKhe, ngoba uNkulunkulu wabonakaliswa enyameni yomuntu, isidalwa esingumuntu esasidla, siphuza, isibonakaliso! Nginitshelile ukuthi kwakuyisibonakaliso esikhulu.

<sup>218</sup> Yebo, nansi indoda ikhuphuka phambi kwami manje. Imi ngemva kwami ngqo. Isemuva khona *lapha*. Iba yimpumputhe. Igama layo nguMaclusky. Uma izokholwa ngenhliziyo yayo yonke, uNkulunkulu uzoyiphulukisa. Sukuma. Angikaze ngiyibone indoda empilweni yami. Kholwa, mnumzane.

<sup>219</sup> Kuthiwani ngaleya ngalendlela, uzokholwa ngapha na? Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Khuleka.

<sup>220</sup> Ngibona owesifazane, futhi uhlushwa yinto ethize. Ucabanga ukuthi yisithuthwane, ngoba uyaquleka. Uvela eNingizimu-mpumalanga, evela. . . UngowaseFlorida. Futhi igama lakhe nguNkk. Kinney. Uma uzokholwa, Nkk. Kinney, futhi usukume ngezinyawo zakho, uyophulukiswa kulawo malumbo okuquleka. Yima ngezinyawo zakho.

Angikaze ngimbone owesifazane empilweni yami. Uyisihambi ngokuphelele. Mbuseni.

221 Uyakholwa ukuthi Uyisibonakaliso esikhulu na? Kuthiwani ngalesi sigaba, niyakholwa na?

222 Owesifazane ohluphekayo, acishe abe nokwehluleka kwemizwa, khona ngalendlela. Igama lakhe nguNkk. Jones. Uma ezokholwa ngenhliziyo yakhe yonke, angaphulukiswa. Nkk. Jones, uma uzokholwa, futhi ume ngezinyawo zakho futhi ukholwe ukuthi uJesu Kristu uyakuphilisa, ungaba nakho ukuphulukiswa kwakho. Yena, eyisihambi ngokuphelele kimi, angikaze ngimbone empilweni yami. UNkulunkulu uyazi ukuthi lokho kuyiqiniso.

223 “Intombi iyakukhulelwa izale iNdodana, neGama laYo liyakuthiwa u-*Imanuweli*, okusho ngokuhunyushwa ukuthi, ‘UNkulunkulu unathi,’” UNkulunkulu lapha kithi, isibonakaliso esikhulu sikaNkulunkulu!

224 Uyakholwa na? Awu, sisesikhathini sokuphela. Uma Elapha, kungani ningaMamukeli manje na? Niyakubona obekufanele kwenzeke na? Niyabona ukuthi kufanele kwenzekeni na? Wonke umuntu njengamanje ufanele aphulukiswe ngokuphelele. Kukhona Othize, kukhona Okuthize lapha ukwenza lokho. Wonke umuntu uyakwazi lokho.

225 UNkulunkulu eZulwini uyazi ukuthi angazi muntu kulaba bantu. Ba—bayizihambi ngokuphelele. Babuze futhi ubone. Angazi lutho ngabo. Angazi ukuthi bangobani, ukuthi bavelaphi, noma lutho.

226 Kodwa uma uthatha izwi lami ngakho, uma lokho kuyiqiniso, ngizosho khona manje, kuwe, uMoya oNgcwele uzungeza le ndawo nje. Lokho kuKhanya kukuyo yonke indawo lapha nje. Manje uma iZwi liqinisile, neZwi libonakaliswa phambi kwakho, yini indaba ukuthi singaLemukeli na? Yini elandelayo, mfowethu na?

227 Wena usenkathazweni, futhi, okuthize mayelana ne, ngani, ngumkakho. Kunjalo. Umzuzu nje ngize ngibone ukuthi kuyini. Ukuvumile, kuyekele kuye kulokho.

Nginiphonsela inselele ukuthi nikholwe uNkulunkulu khona manje, isibonakaliso esikhulu!

228 Into kuphela engiyaziyo ngalowo mfana, ngamxhawula. Angikwazi ukunitshela igama lakhe njengamanje. Kodwa yilokho kanye okungalungile. Angikwazi lokho. Ngangikhona mhla eshada, kodwa kukhona okwenzekile. Angifuni ukukusho lapha.

229 Kodwa, kulungile, awumkholwa uNkulunkulu na? Uthe lesi sibonakaliso esikhulu sizokwenzeka. Bangaki abafuna ukuMbona na? Ake sibone isandla sakho, uthi, “Mina, ngizoMkholwa.” Amen. Esitezi esiphansi, noma ngabe ukuphi,

phezulu kuvulandi osesitezi, khumbula isibonakaliso esikhulu sikaNkulunkulu, iZwi lesithembiso, libonakaliswa khona lapha namuhla phambi kwenu, kulolusuku.

<sup>230</sup> UJesu wafunda imiBhalo, wabe esephenduka wayesethi, “Namuhla lesi siprofetho sigcwalisekile phakathi kwenu.”

<sup>231</sup> Ngithi, eGameni likaJesu Kristu, kulolusuku isibonakaliso sesikhathi sokuphela siyabonakaliswa phambi kwenu.

<sup>232</sup> Bangaki ogulayo na? Phakamisani izandla zenu. EGameni likaJesu Kristu, eBukhoneni baKhe, uma ungakholwa lokho okubonile, ukuba kuyiQiniso futhi kuvela kuNkulunkulu, ngiyanicela eGameni likaJesu Kristu, sukumani futhi niLemukele khona-ke, nithi, “NgizoLemukela. Ngizokwenza, kuzoxazululela mina. Ngiyakholwa.” Angikhathali ukuthi wena ukuphi. Kuhle lokho. Phakamisani izandla zenu manje. Manje nikeza uNkulunkulu udumo. [Umfowethu uthi, “Amaduku?”—Umhl.] (Sengiwakhulekele.)

<sup>233</sup> Manje Mdumiseni nje, yimani lapho. Isibonakaliso esikhulu, isibonakaliso esikhulu phakathi kwenu ngqo—ngqo, isibonakaliso esikhulu sikaNkulunkulu sosuku lokugcina! Amen.

UNkulunkulu akubusise, mfowethu.



*ISIBONAKALISO ESIKHULU* ZUL63-1129  
(The Super Sign)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoLwesihlanu kusihlwa, ngoNovemba 29, 1963, eLife Tabernakele eShreveport, eLouisiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2022 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE  
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)